# *Nkosi, Sithanda UkuBona uJesu*

. . . thola abantu bajwayelane nalokho esizama ukukwenza. Manje esizama ukukwenza, khumbulani, ngukubona uJesu Kristu ekhona kakhulu ngangokuthi yonke inhliziyo yekholwa izovuselelwa amandla, ukukholwa kwalo, ukuthi lizofinyelela phezulu futhi libambe uNkulunkulu, nokwalokho elikudingayo. Ngokuba konke esikudingayo kuloluhambo lwempilo, kukuKristu.

2 Njengezihlahla zenu nje phandle lapha. Konke okudingwa yilesosihlahla . . . Yisihlahla sama apula. Senake nacabanga ngalokho na? Nxa singesilo iyintshi ukuphakama, lonke i apula eliyoke libe sesihlahleni likuso khona lapho. Izilinganiso zomthamo ezingamakhulu ayishumi, uma kukhona eziningi kangako; ake sithi izilinganiso zomthamo ezingamakhulu amahlanu zama apula, ziphuma esihlahleni; zonke izilinganiso zomthamo wama apula ezingamakhulu amahlanu sasikuso ngesikhakhi sitshalwa. Uma singenjalo, zivelaphi na? Niyabo? Niyabo? Uyasitshala nje sizobe–ke sesi—sizodonsa amanzi, siwadonse emhlabathini. Futhi sizodonsa size sithole okungaphezu kakhulu kwesabelo saso, bese–ke uma sifuqa kuphume izingatsha, sifuqe kuphume amaqabunga, sifuqe kuphume izimbali, sifuqe kuphume ama apula. Niyabo? Siyakufuqa kuphume; asiwangenisi. Siyawafuqa aphume.

3 Ngakho, manje–ke, ngicabanga ukuthi uKristu unguMthombo wokuPhila ongenakuqedwa. Futhi uma sitshalwe kuYe, esikwenzayo kuphela ngukuphuza kulowoMthombo wokuPhila, futhi sifuqe sikhiphe konke esikudingayo kuloluhambo. Zonke izinto esizidingayo, kukuYe. Futhi sitshalwe kuYe, futhi sidonsa kuYe, futhi UnguMthombo wokuPhila ongenakuqedwa.

4 Asime ngezinyawo zethu manje, uma nithanda, umzuzwana nje, ekuhlonipheni ngokuzithoba, sisafunda iZwi likaNkulunkulu.

5 Okwendikimba yethu encane kulobubusuku, njengoba sekusondele enkathini yonyaka kaLente isikhathi sokuzila onyakeni wamakholwa, noma uLwesihlanu lukaGudi, ngifuna ukufunda ingxenye yeVangeli likaJohane oNgcwele, ngiqale evesini le 12 nesahluko 12.

> *Ngangomuso abantu abaningi abafike emkhosini, sebezwile ukuthi uJesu uyeza eJerusalema,*

*Bathatha amahlamvu esundu, baphuma ukumhlangabeza, bamemeza bathi, Hosiyana: Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi yebo iNkosi kaIsrayeli.*

*UJesu, esefumene imbongolo entsha, wakhwela kuyo;* futhi *njengokulotshiwe ukuthi,*

*Ungesabi*, madodakazi *yaseSiyoni: bheka, iNkosi yakho iza kuwe*, *ikhwele e—etholeni lembongolo.*

*Lokhu abafundi bakhe abakuqondanga ekuqaleni: kodwa esekhazimulisiwe uJesu*. . . bakhumbula ukuthi *kulotshiwe lokhu ngaye, nokuthi babekwenzile lokhu kuye.*

Futhi *ngakho safakaza, isixuku esasinaye lapho* ese*biza uLazaru*. . . kwabafileyo.

Ngenxa yalokhu isixuku saya samhlangabeza, *ngokuba sasesizwile ukuthi wayesenzile lesisibonakaliso.*

*Ngakho abaFarisi bakhuluma bodwa bathi, Niyabona ukuthi anisizi lutho? Bheka, izwe lonke limlandele.*

*Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*

*Lawo–ke aya kuFiliphu, waseBetsayida* . . . *Galile,* . . . *acela kuye, athi, Nkosi, sithanda ukubona uJesu.*

*UFiliphu weza wamtshela uAndreya: weza uAndreya noFiliphu basho kuJesu.*

6 AmaHeberu 13:8 athi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

7 Asikhothamise amakhanda ethu sisakhuleka. Manje, lomzuzwana ozothile namakhanda ethu ekhotheme, emva kokufunda leliZwi, ngabe ukhona phakathi lapha ongathanda ukukhunjulwa kulomkhuleko, futhi ofuna uNkulunkulu ukuba akwenzele okuthize ngesikhathi salomhlangano, noma ngisho ngakho lokhu ukuhlwa na? Ungakwazisa nje, lapho uphakamisa isandla sakho na? Uzokwazi ukuthi yini ephansi kwesandla sakho.

8 Baba wethu waseZulwini, manje sisondela eZwini laKho. Sisondela ngenhlonipho yokuzithoba nangomkhuleko, namakhanda ekhotheme nezinhliziyo ezikhotheme, ngokuba siyazi ukuthi Wena njalo uqinisile kuleliZwi. Siyakhuleka manje ukuthi Uzosibeka eceleni sisuke ezintweni naseminakweni yokuphila kulelizwe, ukuze siKukhonze ngezinhliziyo ezimsulwa nezihlanzekile, ezigezwe eGazini leWundlu.

9 Sicela Wena, Nkosi, ngabe leli yihora ukuthi bekungaqhibuka imvuselelo enkulu lapha kulengxenye yezwe na? Uma kunjalo, Nkosi, silapha ukuba sikhonze Wena noma

ngayiphi indlela esingenza ngayo, futhi nje sizinikela kuWe, ngaleyonkonzo. Futhi kwangathi kungenzeka into ethize, Nkosi, ezoshukumisa izinhliziyo zabantu. Futhi kungahle ukuba umhlangano uhlelelwa nje abambalwa ohlakazeke phandle khona ngapha nokho, ukuthi mhlawumbe kungahle kube yilunga elilodwa loMzimba kaKristu elizonezelwa khona lapha eLouisiana, izobe–ke isivalwa i—iminyango. Asazi nje ukuthi yini, Nkosi, sihamba nje ngokuqaphela, sibhekisisa wonke umnyakazo.

10 Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini ukuthi Uzophilisa bonke abagulayo nabahluphekileyo. Njengoba ngibuka, olele lapha, omncane bandla, umntwana ohluphekile, nabantu belele bezungezile, begula futhi bedinga. Nkulunkulu, kwangathi bangabheka basuke ezinhluphekweni, zabo, kulobubusuku, futhi lonke leliviki elizayo, futhi kwangathi kungebebikho–muntu obuthakathaka phakathi kwethu ekuvalweni kwalomhlangano.

11 Busisa abefundisi, Nkosi, nobambiswano lwabo oluhle, nezinto abazenzayo, ukuba bahlangane ndawonye. Kwangathi abantu bangaqonda ukuthi lena yi—yinhliziyo yomelusi wabo—wabo, ukuzama ukungenisa yonk'into, nazo zonke izipho, nayo yonke into abangayenza, ehlonishwa nguNkulunkulu, ukuze isize ibandla labo ukuba libone nokuthi likholwe, futhi likhule. Siphe khona, Baba.

12 Sithethelele iziphambeko zethu. Yipha sonke isicelo esiphansi kwalezozandla, kulobubusuku. Nkosi, esami siphakeme, Wena uyayazi inhliziyo yami; ngu—ngumkhuleko, ongowabantu. Kwangathi uJesu angaziwa phakathi kwethu, Baba. Siphe ukuthululwa okukhulu kwezibusiso zaKho.

13 Futhi uma sesisuka lapha, kulobubusuku, kwangathi singakwazi ukusho njengalabo ababevela e-Emawuse, lolosuku emva kovuko, njengoba singena kule izinkathi zonyaka ezingcwele. "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu," bathi, "lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

14 Kungesikho uku—ukushumayela noma ukuthatha esiningi sesikhathi, kodwa nje ukubeka ngokuhlelekile nje imicabango embalwa emincane lapha manje ngaphambi kokuba sibize umugqa womkhuleko. Cishe emizuzwini engamashumi amabili-nanhlanu, ngiyethemba, ngizobiza u—umugqa womkhuleko, ukukhulekela abagulayo. Futhi manje, ubusuku ngabunye, uMnu. Borders nabo bazobe bezama ukunichazela ukuthi kanjani, nokuthi kubanjwa kanjani ukuphilisa, kanjalonjalo.

15 Futhi, khumbulani, asikho lapha sizama nje ukumela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Silapha ukuba simele uJesu Kristu, futhi kuYe ngukuphilisa. Futhi zonke izingxenye

zikaNkulunkulu ezingehlukaniseki zikuYe. Futhi si . . . Uthenge insindiso yethu, ukuphiliswa kwethu, nakho konke esinakho. Nokuphilisa kungokuncane, futhi awusoze walinganisa okukhulu kokuncane. Siyakwazi lokho. Ngakho si . . . Kodwa sizama . . . UJesu wasebenzisa cishe amapesente angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha enkonzo yaKhe kwakuphezu kokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukuze Ahehe ukunaka kwabantu, bese–ke echaza ukuthi inhloso yaKhe yayiyini lapho. Futhi, leyo yinto efanayo, sizama ukuqhuba inkonzo yaKhe ngendlela edlula zonke esaziyo ukuthi ikanjani, sikholwa ukuthi Usalokhu ehlezi enguyena izolo, namuhla, naphakade.

16 Manje, siyazi ukuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Ngakho-ke, uNkulunkulu neZwi laKhe yinto eyodwa efanayo. NguNkulunkulu esimweni esishicilelwe. Awungaphezu kwezwi lakho. UNkulunkulu akangaphezu kweZwi laKhe.

17 Ngakho lomkhosi omkhulu esisondela kuwo lapha manje kulenkathi yonyaka, loLente, njengoba bewubiza kanjalo, futhi sisondela kuLwesihlanu lukaGudi, bese—bese–ke kuba yiSonto lePhasika, iviki eSontweni lePhasika, ngiyakholwa. Ngakho sisondela kulokhu. Ngicabange ukuthi ngizofunda lomBhalo, ukuthi lamaGreki anhliziyo-zilambile akhuphuka ukuba azokhonza emkhosini wePhasika. Futhi ayazi kancane ukuthi lelo kwakuyiWundlu lePhasika, uKristu wayezoba yilo.

18 Kodwa izinhliziyo zawo zazilambile. Ayefuna ukuMbona. Ayezwe kakhulu impela ngaYe, futhi ayazi ukuthi izinto ezinkulu ayezizwile ukuthi Wayezenzile. Futhi ngakho akungabazeki, eza kulowomkhosi, afanele ukuthi ayefunde kakhulu emBhalweni ngalokho Ayeyikho, nemvelo yaKhe—yaKhe, Nalokho Ayezokwenza uma Efika. Ngakho ayefuna ukubona.

19 Afika kubafundi baKhe, futhi anikwa inhlanhla yokuMbona, nge—ngenhliziyo enhle nenkonzo yabafundi baKhe. Angeniswa eBukhoneni baKhe, yizinceku zaKhe.

20 Futhi manje uma amaHeberu 13:8 esho, ukuthi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," futhi ngiqinisekile ukuthi lapha e—e . . . eBaton Rouge, ukuthi silambele nje impela ukubona uJesu njengoba ayenjalo ukuba aMbone ngaleyonkathi. Ngi . . . Wonke umuntu ose kahle emqondweni wakhe, futhi ozwa ngeNkosi uJesu, ulangazelela ukuMbona.

21 O, ngenkathi ngiqala ukuzwa ngaYe, ngisengumfana, kwaba l'khuni nje ukuba ngi—ngi—ngikumele. Ngacabanga, "Uma EnguNkulunkulu, Wa—WayenguNkulunkulu njalo, U—Uyohlala njalo enguNkulunkulu."

22 Ngakho ukuzama ukukubeka eceleni kwesinye isikhathi esikhulu esedlule, noma—noma esinye isikhathi esikhulu

esizayo, lokho nje yimvelo yomuntu. Umuntu njalo udumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenza, abheke phambili kulokho Azokwenza, futhi engakunaki Akwenzayo. Leyo nje yimvelo yomuntu. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, futhi kusalokhu kuhlezi kungaleyondlela, kulobubusuku.

23 Kodwa, manje, lamaGreki ayefuna ukuMbona, futhi sifuna ukuMbona. Awu, manje, uma Evukile kwabafileyo, futhi hhayi . . . Akafile. Uyaphila. Futhi uma Ephila, njengoba umBhalo usho ukuthi Uyaphila, pho kungani singeMbone na? Sinelungelo lokucela ukumbona. Khumbulani, Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, nina yiyakuNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Izwe ngeke liNgibone, kepha nina niyakuNgibona." Futhi manje uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, pho kungani besingenakuMbona na?

24 Manje ukuba bengingaya emibonweni ehlukene esibe nayo. Futhi kukhumbuleni lokho, uNkulunkulu akenzi lutho neze olungaphandle kwalokho Athembise ukukwenza. Niyabo, njalo Wenza isithembiso, bese–ke Efikela ukuSigcwalisa.

25 UNkulunkulu, ekuqaleni, azi ukuphela eku begin- . . . kuqaleni, ngoba Wayengongenasiphelo. Sonke siyakwazi lokho. Ungosezindaweni zonke, onamandla onke, nongenasiphelo. Manje, uma Engongenasiphelo, khona–ke Wayazi izinto zonke, futhi manje . . . nowazi konke.

26 Ngakho qaphelani, manje–ke, Wabela imiBhalo yaKhe kuya phansi eminyakeni ezayo. Bese kuthi–ke uma lonyaka uphenduphenduka, ngani, sihlala njalo sizama ukuba—ukuba nezinto zifaniswa ngendlela esicabanga ukuthi ikahle, kodwa ngokwejwayelekile . . . Uma uNkulunkulu enze isithembiso salowonyaka, indlela yomkhuba waKhe wokwenza noma yini, futhi akaguquki neze ekukwenzeni.

27 Khumbulani, uNkulunkulu akaguquki neze, akaziguquli neze izindlela zaKhe. Ngoba yingalesosizathu singakubeka ngokuqinisekayo ukukholwa kwethu kulokho uNkulunkulu athi kuyiQiniso, iBhayibheli. Manje ufanele ubeke uNkulunkulu ndawondawo.

28 Manje, ukuba uNkulunkulu wayezokwehlulela izwe, futhi Uzolehlulela. Ukuba besingathi, uma ngingahle ngithi kwiKatolika laseFransi, ucabanga ukuthi Uyolehlulela ngani na? "Ibandla eliKatolika laseFransi." IRoma eliKatolika likholwa ukuthi Uyolehlulela ngalelobandla. Ibandla loMthetho, iKatolika lebandla loMthetho lamaGreki, likholwa ukuthi Uyolehlulela ngalokho. IMethodisti ibingathi, "Ibandla lethu." IBaptisti, "Ibandla lethu." "IPentecostal!" Niyabo, bekungadida kakhulu, umuntu aze angabe esazi ukuthi enzenjani.

29 Kodwa Wathi Uyokwehlulela izwe ngoJesu Kristu, noJesu Kristu uyiZwi, ngakho Uyokwehlulela izwe ngeZwi. Manje,

iBhayibheli liyisambulo sonke sikaJesu Kristu. *Lesi* yisambulo. Akukho okuzonezelwa kuLo noma kususwe kuLo. Okufanayo kuyakususwa, isabelo sethu, eNcwadini yokuPhila, uma senezela noma sisusa kuLo. Lelo yiZwi likaNkulunkulu, futhi siyaLikholwa.

30 Manje, isizukulwane ngasinye, uma ibandla ngokwejwayelekile liLixova kakhulu nayo yonke into, kuze kuthi, uma sekufika isikhathi seZwi ukuba ligcwaliseke, babheka emuva kwesinye isizukulwane esithile emuva le, okwenzeka emuva le ngolunye usuku oluthize, futhi bayageja ukubona okwenzeka ngalolosuku.

31 Manje kinina bantu abayiKatolika, ukuthi nabageja kanjani labobangcwele. Kuthiwani ngoJoan of Arc, u—umFrentshi na? Ngingahle nje ngikuphakamise lokho, ngenxa yezwe laseFransi. Niyakhumbula, umpristi wamshisela esigxotsheni, njengomthakathikazi. "Wayengumthakathikazi," ngenxa yokuthi intombazane yayingeyomoya. Wayebona imibono, kanjalonjalo, futhi namshisa ngokuba ngumthakathikazi. Manje–ke, emva kwesikhashana, senilibonile iphutha lenu, nembulula imizimba yalabobapristi futhi nayiphosa emfuleni, ngokuzihlawulisa. Kodwa, niyabo, kwase kuvele kwedlule.

32 Futhi yileyondlela okungayo njalo. Kuyasedlula futhi singakuboni.

33 Ngisho nakubafundi, uJesu washo, ngesinye isikhathi ekhuluma kubo. Bathi, "Kungani a—ababhali bethi uEliyase umele ukufika kuqala na?"

34 Wathi, "Usevele ufikile, futhi animazanga." Futhi baqonda ukuthi kwakunguJohane umBhaphathizi. Ngisho nalabobafundi, lelophimbo ehlane, noMalaki 3 egcwaliseka, ngani, kwabedlula ngqo futhi abazange ngisho bakuqonde nhlobo. Niyabo?

35 Futhi kungenzeka ukuthi besingaLiyeka ledlule phezu kwethu ngqo, futhi sehluleke ukuLibona. Indlela kaNkulunkulu njalo i . . .

36 Manje ukuba bekungangena kuyo yonke inqubo, noma enye inhlangano ethize, njengeProtestane, iMethodisti, iBaptisti, amaPentecostal, noma amanye amahlelo abo abengakuveza, bebeyokukholwa. Awu, manje–ke, abanye bebengeke bazihlanganisa ngalutho nakho.

37 Ngakho uNkulunkulu akasebenzani neze, ezikhathini ezinjengalesi, nanoma yiyiphi inhlangano. Akazange akwenze. Njalo Usebenzana nomuntu ngamunye, umuntu oyedwa, wena, lowomuntu oyedwa nje. Nguwe, phakathi kwakho noNkulunkulu, hhayi phakathi kwenhlangano yakho noNkulunkulu; phakathi kwakho, njengomuntu ngamunye. UNkulunkulu njalo ukwenza ngaleyondlela, ubekwenza njalo.

38 Futhi manje iBhayibheli lathi, "Akenzi lutho Engayembulanga kubaprofethi baKhe, izinceku zaKhe abaprofethi." Futhi njalo, inqwaba njengasesikhathini sikaElija, nesikhathi sikaMose, nazo zonke lezozikhathi ezehlukene, Wayezokwembula.

39 Manje kwakukade kulotshwe emBhalweni ukuthi i... UNkulunkulu wayezobanika isibonakaliso esiphakeme, isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esingunaphakade, "intombi yayizokhulelwa." Futhi manje–ke kwakuzobakhona Ozalwayo, uMntwana, sasiMazi njengokuthi unguMesiya. Yonke imiBhalo, kusukela le kuGenesisi, kwenyuke, kwakuxhumene nokufika kukaMesiya.

40 Abaprofethi babeyingxenye yeZwi. UJesu wathi babebizwa 'ngonkulunkulu.' Futhi babeyibo, inqobo nje uma iZwi likaNkulunkulu lalilethwa kubo. Wathi, "NingaNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na? Futhi—futhi, nina, labo...Kulotshiwe emthethweni wakini, 'labo iZwi leNkosi eliza kubo,' nababiza 'ngonkulunkulu.'" Niyabo, i...Kwakungesibo abaprofethi; kwakuyiZwi likaNkulunkulu. Futhi yinto efanayo manje. Futhi kwakunguJesu, into efanayo, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa. Futhi lokho njalo kungukuKhanya kwehora.

41 Manje uma besiqalazile, kulobubusuku, futhi sibuyele emuva kwamanye alamabandla amakhulu, kusuka phansi le onyakeni, futhi sithi "yikho *lokhu*, yikho *lokhu*," uma ningabhekisisi, sizohamba ekubenyezeleni okuxhopha amehlo esikhundleni sokuKhanya. Sibuka into esidlule, iminyaka eseyadlula, sibuka emuva.

42 Noma yimuphi umuntu oshayela emgwaqeni, ebuka ngesibuko esibukisa ngemuva, uyokwenza isiphihli sengozi. Kunjalo. Kunjalo. Uthatha njengabanye bodadewethu bezama, iminyaka engamashumi amahlanu ubudala, bezama ukubukeka beneshumi nesithupha. Niyabo, nibuka emuva.

43 Bukani phambili! Bukani lapho eniya khona. Bukani lapho eniya khona, hhayi lapho enivela khona. UPawulu wathi, "Ngikhohlwa yilezozinto esezedlule, ngijonga emgomeni wokubizwa okukhulu kwaphezulu kuKristu." Nifanele njalo nibuke lapho eniya khona, hhayi lapho ebenikhona.

44 Uma nibhekisisa isibuko esibukisa ngemuva, nizodala isiphihli sengozi masinya. Bekuyileyo inkathazo. Yingalesosizathu uLuther adala isiphihli sengozi ngenkathi kufika ukukhanya kukaWesley. Yingalesosizathu uWesley adala isiphihli sengozi—adala isiphihli sengozi ngenkathi kufika amaPentecostal. Futhi uma singabhekisisi, amaPentecostal izodala isiphihli sengozi, nayo, uma nje engalokhu nime manzonzo, ukuba nibhekisise. Niyabo, njalo nibuka emuva,

nikhomba kulokho omunye umuntu akwenza emuva lapho. Kanti si . . .

45 Kanti, siyayalwa ukuba sibuke phambili, silokhu siqhubeka. Ukuprofetha kwabo—kwabo kwenzeka ngezinsuku zabo, lokhu kwenzeka ngalolusuku, nokulandelayo kwenzeka ngosuku olulandelayo. Kwabelwe, esikhathini sokugcina. Futhi kunezinto efanele ukwenzeka manje, ngokomBhalo, uMoya oNgcwele emhlabeni, othululelwe phezu kwabantu.

46 Manje, ngenkathi uJesu efika, labobabhali kanjalonjalo babefanele ukuMqonda, kodwa abazange, ngoba babehlelwe kakhulu emasikweni abo. AbaFarisi, abaSadusi, abakaHerodi, noma yibaphi abanye, babekulelosiko, becwile kakhulu, kwaze kwathi sona impela isiprofetho sikaKristu uqobo lwaKhe, lokho Ayefanele ukuba yikho, behluleka ukusibona. Wathi kubo, wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYona efakaza ngaMi."

Bathi, "Singabafundi bakaMose."

47 Wathi, "Uma beningabafundi bakaMose, beniyakungazi Mina, ngokuba uMose waloba ngaMi. 'INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.'"

48 Babezisho ukuthi bayibo, kodwa babengesibo, ngenxa yokuthi babecwile kakhulu esikweni. Manje, bakugeja kanjalo–ke ukuMbona ngalolosuku ababephila kulo. Manje, lokho bekungaphinda, niyazi. Njalo bekuphinda, futhi bekungaphinda futhi.

49 Manje ake sibuyele emuva nje imizuzu embalwa. Nendlela kuphela ebesingathola ngayo ukuthi Uyini . . .

50 Manje, namhlanje, uma sithatha umuntu ojwayelekile, uKristu abefanele ukuba yikho, si . . . Abanye babo baMfanekisa njengowomlando, into enkulu ethize. Abanye baMehlisela ekubeni nje ngumuntu ojwayelekile. Nabanye uMletha esazini sokudabuka kwezinto, abaprofethi, noma—noma okuthize, okunye okunjalo, umuntu olungileyo, uthisha.

51 Kodwa Yena, noma ngabe Wayeyini, Usalokhu eyikho, ngokomBhalo. Niyabo? Manje ukuba besehlele edolobheni, ukuyoMcinga, futhi sihambe—sihambe siqalaza, ukubona uma . . . Manje, khumbulani, isithembiso saKhe singukuthi Uyoba nathi.

52 Manje uma sihambe sayocinga umuntu othize e . . . besiyothi . . . bengiyothi, mhlawumbe, "Abe mude ngamafidi ayisithupha." Futhi wena ubuyothi, "Qhabo, bekungaba yisikhombisa nohhafu." Omunye athi, "Qhabo, wayengamafidi amane kuphela; wayengumfo omncane." Niyabo, sonke besiyoxoveka.

53 Awu, bebeyothi, "Mhlawumbe Ubeyoba nezibazi zezipikili esandleni saKhe." Nje noma yimuphi umzenzisi

ubengaba nezibazi zezipikili esandleni sabo, nemilobo yameva. Futhi, empeleni, uJesu uhlezi ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu. Kodwa besiyoke sazi kanjani ukuthi WayenguBani na?

54 AbaMazanga ngaleyonkathi ngenxa yokugqoka kwaKhe. Ngoba, Wayehamba ngqo phakathi komuntu, ngisho nangasemva kokuvuka kwaKhe. Nalabo Ayehamba nabo, futhi babesalokhu bengaMazi. Niyabo? Kwakungesikho ukugqoka kwaKhe. Wayegqoka nje njenganoma yimuphi omunye umuntu. Kwakungesikho ukugqoka kwaKhe. Kwakungesiyo inkambo yaKhe. Kwakungesiyo inhlangano yaKhe. Kwakungesilo ikhadi laKhe lenhlanganyelo Ayeliphethe, ngoba Wayengenalo. Ngokukhuluma ngokusobala, waphikisana nalo, ngakho kwakungesikho lokho.

Bathi, "Asazi lapho Evela khona."

55 Nempumputhe yathi, "Leyo yinto exakile. Wena ungumholi wanamhlanje, futhi Uvule amehlo ami, futhi nokho awazi ngisho nalapho Evela khona." Wayenenye enhle isayense yezenkolo yakhe uqobo. Niyabo? Wathi, "Anazi ukuthi lomuntu wenzeni, izinto azenzile, futhi nokho nifanele ukuba ngabaholi bosuku manje." Kodwa ingxenye edabukisayo, ngabo, amehlo abo ayephuphuthekisiwe. Kwakufanele kube ngaleyondlela.

56 Benazi yini ukuthi ibandla lifanele ukuba njalo, ngosuku lokugcina, futhi na? "Elinamawala, elikhukhumeleyo, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu, benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha Amandla akho bewaphika. Labo–ke . . ." Leso yisiprofetho esifanayo, into efanayo. Impela yiso. ONyakeni weBandla laseLawodikeya, uJesu wayengaphandle kwebandla, ezama ukubuyela angene, engqongqotha emnyango. Unyaka kuphela Ake waze wakhishelwa ngaphandle kwebandla, usoNyakeni waseLawodikeya esiphila kuwo manje. Ngakho siyabona sesibuyele ngqo futhi lapho esaqala khona.

57 Manje, indlela yeqiniso kuphela yokuthola ukuthi Wayeyini, noma ukuthi Uyini, ngukuthola ukuthi Wayeyini, manje, ngoba Uyoba ngofanayo. Manje ake sibuyele emuva nje bese sisiphula izinto ezimbalwa Azenza. Sonke siyakwazi ukuzalwa kwaKhe yintombi, futhi asizukuqala ngalokho.

58 Kodwa ngifunde kuJohane oNgcwele. Asibuyele kuJohane oNgcwele, isahluko 1, futhi nje sithole ukuthi Wayeyini, futhi manje–ke singaqonda ukuthi U—ukuthi Uyini manje. Noma ngabe yini Ayeyiyo ngaleyonkathi, Uyinto efanayo manje. Kulungile. Manje siyathola lapha, ekuqaleni, WayeyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi." Manje–ke Useyilo iZwi. Niyabo? Niyabo? Ehhe. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Kulungile.

59 Manje–ke, yilokho Ayeyikho ngaleyonkathi, Wayeyisithembiso esiqinisekisiwe sikaNkulunkulu salowonyaka. Lokho kwaMenza iZwi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, Wayezoba yinto efanayo namhlanje, iZwi futhi. Niyabo? Futhi Wa—Wa—Wa—Wabatshela ukuba babheke lokho. Yilokho Ayeyikho. WayeyiZwi. IZwi laba yinyama. Yilokho Ayeyikho. Manje, ngenkathi Eba yiZwi, noNkulunkulu wehla ngesimo sikaMoya oNgcwele, osesimweni sejuba, wayeseya phezu kwaKhe, wayesethi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo."

60 Manje–ke siyathola, inkonzo yaKhe yaqala ukuphuma, imikhuleko yabagulayo, ukuphilisa. Wonk'umuntu wayeMthanda. Wayekahle, aziwa njengoMfo okahle. Kwase kuthi–ke, ngenkathi esenkonzweni yaKhe yokuqala, okwaMkhombayo . . .

61 Khumbulani, amaJuda njalo ayekholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Ayenechibi esangweni lapha, laseBethesda—Bethesda, esangweni, isango elihle. Abantu babelele lapho, izixuku za—zabantu abagulayo ngobuthakathaka ababeyizishosha, izinyonga, izimpumputhe, futhi baya kongena emanzini ukuba baphiliswe.

62 UNkulunkulu njalo ubenza indlela yokuphilisa, ngakho ukuphilisa kwaKhe kwakungesikho ngempela ngempela okwakuheha ukunaka kwabo kuYe. Kwakukhona enye into ethize eyayiheha ukunaka kwakhe.

63 Manje sithola ukuthi uma . . . Ayefanele ukuba yikho, uMose wayeshilo ukuthi Wayezoba yini, nabo bonke abaprofethi babekhulume ngaYe, manje Uzokhonjwa yilokho.

64 Manje nakhu Ayikho, iZwi. Manje, amaHeberu, isahluko 4, siyasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu linamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili. Linjalo, lisika kuze kuyofika emnkantsheni wethambo, futhi lahlulela imicabango osenhliziyweni." Liyilokho–ke iZwi.

65 Manje, niyabo, nxa iZwi liza kubaprofethi, babekhonjwa yisiprofetho sabo. UNkulunkulu wathi, "Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi ngiyakukhuluma kuye ngemibono, noku . . . futhi ngimbonise amaphupho, kanjalonjalo." Ngamany'amazwi, "ahumushe amaphupho," njengoJosefa nabo benza. Nalokho kuyoba yizincwadi zakhe ezimchazayo. Kwase kuthi–ke lokho kwakuyizincwadi ezimchazayo ayenazo, iZwi eliphefumulelwe, ngesambulo, niyabo, iZwi elalizogcwaliseka. Isiprofetho sakhe samkhomba njengomprofethi, "NeZwi liza kumprofethi."

66 Ngakho ngenkathi uJesu efika enkundleni, iBhayibheli lathi Wayezoba ngumProfethi. UMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." NoIsrayeli njalo wayekholwa ngabaprofethi babo, ngoba lowo

kwakunguNkulunkulu ezikhomba Yena uqobo ezidalweni ezingabantu, njalo. Noma yisiphi isifundiswa esikhulu seBhayibheli siyakwazi lokho. Yileyondlela Azikhomba ngayo Yena uqobo, kwakukubaprofethi baKhe. Babengumuntu ojwayelekile nje. Kusobala, bazalelwa leyonhloso.

67 Njengoba sazi, kuneziphiwo zendawo, seziphiwo eziyisishiyagalolunye ebandleni. Kodwa kunezikhundla zeBandla, futhi leso, uNkulunkulu, leso simiselwe ngaphambili, noma saziwa phakade, "UNkulunkulu umisile eBandleni: abaphostoli, bese kuba abaprofethi, nabafundisi, abelusi, abavangeli," kanjalonjalo, lokho yiziphiwo zikaNkulunkulu ezimiswe eBandleni. Bese–ke kubakhona iziphiwo zikamoya eziyisishiyagalolunye ezisebenza emzimbeni wendawo, nowamakholwa, futhi zifanele zihlolwe ngabehluleli ababili noma abathathu ngaphambi kokuba zinikwe ibandla, ngoba ngezinye izikhathi zingaba nephutha.

68 Kodwa qaphelani lababaprofethi, njengoba bazalwa, njengaku . . . Ngiyakholwa, kuJeremiya lapha, uNkulunkulu wathi, "Ungakakhulelwa ngisho nasesizalweni sikanyoko, Ngakubeka umprofethi phezu kwezizwe." Niyabo? UMose wazalwa engumprofethi. NoJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi–nambili engakazalwa, "wayeyizwi lomemeza ehlane," uIsaya umprofethi ekhuluma ngaye. Niyabo, akusikho . . . Leziziphiwo ziyiziphiwo zokuzalwa, uNkulunkulu ezibeka eBandleni.

69 Futhi, manje, futhi ngesikhathi sokufika kweNkosi yethu, kwakukade kungekho-mprofethi emhlabeni iminyaka engamakhulu amane. UMalaki wayengumprofethi wokugcina, futhi wakhuluma ngokufika kukaJohane. Esahlukweni 3 sikaMathewu, okwakuyoba nguIsaya—Isaya, umprofethi, wakhuluma ngaye. Kwase kuthi–ke, futhi, manje–ke uMalaki wakhuluma wayesethi uElija wayezobonakala enkundleni, lowo owandulela uKristu. "Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela," njengoba Asho kuMathewu 11, ekhomba uJohane.

70 Nento exakile manje, ngenkathi uJesu eqala ukukhuluma, futhi wayekade ezikhomba Yena uqobo, ake sibhekisise ukuthi Wakwenza kanjani lokho manje. Uma Engekho ngokomBhalo kulokho Akwenza, Wayengesuye–ke uMesiya. Uzofanele afike ngokomBhalo.

71 Manje kwakukade kunendoda egama linguAndreya, wayekade ethamela imvuselelo kaJohane, uJohane athi Wayeza. U . . . UJohane wayeqiniseke kakhulu ngokufika kwaKhe, wathi, "Umi phakathi kwenu ngqo manje," ngoba wayazi ukuthi wayezokwethula lowoMesiya.

72 Manje, akazange achezukele ekholiji, ukuba ayofunda ukuthi uMesiya wayezoba njani. Wahamba wayongena

ehlane, futhi wayephandle lapho ngesingaye, futhi uyaphuma. Isizathu, waye . . . wayengafanele aqeqeshwe ngumuntu. Wayedingeka aqeqeshwe nguNkulunkulu. Ngoba, manje, uyise wayengumpristi, futhi kwakungokwesiko ukuthi indodana ilandele u—umsebenzi kayise nokufundiswa kwayo isikole, kanjalonjalo. Kodwa umsebenzi kaJohane wawumkhulu kakhulu, usemqoka kakhulu.

73 Awu, inqwaba yalabobantu, wathi, "Manje, niyamazi uMfowethu u*S'bani-bani* lapha, uhlangabezana nezi—zidingakalo."

74 Kodwa uJohane waphumela ehlane, futhi, kwaze kwathi, wayenoNkulunkulu waze wazi ngokuqinisekayo ukuthi isibonakaliso sikaMesiya sasizoba yini. Ngenkathi Efika, wathi, "BengingaMazi, kodwa lowo Owathi, 'Lowo oyobona uMoya wehlela phezu kwaKhe, futhi uhlala, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'" Niyabo? Wayazi futhi wayeqiniseke ngokuqinisekayo ukuthi lowo kwakunguYe.

75 Manje, uAndreya wayekade ezama ukuthola umfowabo, uSimoni. Babengabadobi, futhi babezama ukuthola umfowabo ukuba eze emhlanganweni.

76 Manje, ngafunda indaba ngesinye isikhathi esedlule ngempilo yabo. Babengamakholwa amakhulu ngokohlelo lwabaFarisi. Futhi wayene—ne . . . Uyise, igama likababa uJonase, futhi wayengu—wayengumdobi omkhulu, naye. Futhi, izikhathi eziningi, babedingeka bethembe uNkulunkulu ngalokho abafanele bakudle, izinhlanzi zabo, ukuba bakhokhe izikweletu, futhi—futhi bathole ukudla. Futhi mina ngifunda ngoluny'usuku lapho ubaba omdala athatha khona uSimoni wayesemhlalisa phansi, naye noAndreya, wayesethi, "Bafana, bengihlala njalo ngikholwa ukuthi ngiyophila ukuba ngibone uMesiya ozayo, ebesimbhekile, yonke leminyaka. Futhi manje, madodana, engakafiki uMesiya, mhlampe ngiyobe—ngiyobe sengashona, ngoba sengimdala. Kodwa angifuni ukuba nina bafana nidukiswe. Manje kuyoba khona zonke izinhlobo zezinto ezivukayo phambi kokuba Afike."

77 Njalo kuzofanele kube ngaleyondlela, niyazi, ukuthi ukushaya i—i—into yangempela uma ifika lapho. Niyabo, uSathane njalo uphandle lapho. Njengaphambi nje kokuba uJesu afike, bathi kwakukhona abanye oJesu abavukayo base bethatha amaqembu bawakhiphela ehlane, futhi babhubha, kanjalonjalo.

78 Kodwa wathi, "Madodana, khumbulani, loMesiya uyokhonjwa ngokomBhalo." O, ubefanele abafundise kanjani abantu namhlanje! Niyabo? "UMesiya uyokhonjwa ngumBhalo, ngoba uMose wathi iNkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa umProfethi onjengaye. NoMose ungumholi wethu, futhi sibhekile. Manje, sekube ngamakhulu eminyaka,

besingenamprofethi, kodwa uMose wathi Oyedwa wayeza. Futhi, akungabazeki, ukuthi lokhu ukuxhumana lapha ngaphandle komprofethi bekungokoku identi- . . . ukukhomba ukuthi uma kufika, Uyohlangabezana nezidingakalo zalowomprofethi.” Sonke siyawazi lowomBhalo.

79 Manje sithola ukuthi, kamuva, ukuthi uJesu wayengakaze akhombise-sibonakaliso nokho. Ngoluny’usuku, uSimoni wenyukela eBukhoneni baKhe, umnqikazi omncane nje, mhlampe, ngobufakazi buka Andreya, ngoba wayekade ekuzwile konke lokhu ngalendoda yasendle kwenzeka, igwilizisa abantu phansi emfuleni, nanemibhaphathizo, kanjalo njalo. Futhi wayengenakuhambisana nalokho, ngoba kwakukade kukhona zonke izinhlobo zezinto ezedlula ePalastine, ngalesosikhathi.

80 Kodwa, ngoluny’usuku, uSimoni wafika eBukhoneni beNkosi uJesu. Manje ake sibhekisise Ayeyikho izolo, kuleyonzalo ekhethiwe, lowoSimoni owamiselwa lendawo, leyonzalo. Leyo njenge . . .

81 Ekuqaleni, uNkulunkulu wayengesuye ngisho uNkulunkulu. WayengoPhakade omkhulu, futhi phakathi lapho kwakuyizingxenye ezingehlukaniseki. Izingxenye ezingehlukaniseki kwakuyimicabango yaKhe. Wayese–ke Eba yiZwi, kanje. Nezwi lizwakaliswa . . . Awu, umcabango ozwakalisiwe, uyizwi. Izwi, lizwakalisiwe, lingumcabango.

82 Bese kuthi–ke, khumbulani, uma wake waba sekucabangeni kukaNkulunkulu, uyoba lapho njalo. Uma unokuPhila okuPhakade, ungukuzwakaliswa, noma ingxenye engehlukaniseki, yomcabango waKhe walonyaka. Uma kungenjalo, u . . . Kunye kuphela ukuPhila okuPhakade, futhi Kwakukhona njalo. Futhi wena, emqondweni waKhe, wawukhona lapho izwe lingakabibikho. Yingalesosizathu Wathi Wakukhetha “ngaphambi kokusekelwa kwezwe.” Akusikho okucatshangwa yithi, okucatshangwa ngomuny’umuntu. Kuyilokho uNkulunkulu, oPhakade! Wawulokhu ukhona, uyabo, ekucabangeni kwaKhe.

83 KwakukuYe ukuba ngumuntu, yingalesosizathu uKristu wayengumfanekiso ozwakalisiweyo. Niyabo? Manje, Wayezoba nguBaba, Wayezoba yiNdodana, Wayezoba nguMsindisi, Wayezoba ngumphilisi. Kwakungekho lutho, kwakungekho ngisho neNgelosi, noma lutho. Manje–ke, Wadala iziNgelosi, Useba–ke nguNkulunkulu, Wakhonzwa. Manje–ke lokhu ngukuzibonakalisa kokucabanga kwaKhe.

84 Akukho lutho olungalungile. Yonke into izophuma ibe kahle. Ningesabi. Isikhathi sewashi esikhulu sikaNkulunkulu sihambisana kahle. Kuyoba lapho, Kuyoba neBandla elingenasisihla noma umbimbi. Lalisekucabangeni kwaKhe.

Into kukho ingukuthi, ngabe ngiphakathi Lapho, ngabe wena uphakathi Lapho na?

85 Futhi nangu Wayelapho, umcabango oPhakade kaNkulunkulu, uzwakaliswe ebuDodaneni. O, he! Kwakukhona uNkulunkulu, uEmanuweli, ngaleyonkathi. Qaphelani, manje–ke, WayeyiZwi. Manje lapha . . .

86 Ngabe nginivala izindlebe na? Angiqondile ukuniklabalasela. Ngezinye izikhathi sikhuluma kwezinkulu zangaphandle nendawo, futhi angiqondile ukubanga umsindo kakhulu. Manje akuthi i. . .Noma ngabe ubani okulawulayo, athi ukunginqumela khona, uma bethanda, uma kubanga umsindo kakhulu.

87 Manje qaphelani, kulokhu, ngenkathi uJesu efika, nakhu kwenyuka uSimoni, enyukela phambi kwaKhe. Futhi wathi nje uJesu angaphosa amehlo aKhe kuye, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase."

88 O, ngabe lokho kokhela inhliziyo yalowomdobi! Wayengakwazi ngisho nokubhala igama lakhe uqobo, wayengenamfundo, kodwa wayazi ukuthi lelo kwakuyiZwi ngoba lehlulela imicabango owawusenhliziyweni yakhe. Nango uMesiya wayelapho. Nakuba iBhayibheli lathi wayeyikho kokubili engazi futhi engafundile, kodwa uba yinhloko yebandla eJerusalema.

89 Wawela ezinyaweni zaKhe. Wayazi ukuthi lokho kwakuyikho. Akusikho kuphela ukuthi Wayazi ukuthi wayengubani, Wayemazi lowobaba wakhe omdala omesabayo uNkulunkulu, oseshonile. Niyabo? Lokho kwakukhombisa ukuthi WayeyiZwi. IZwi lehlulela imicabango osezinhliziyweni zabo. Kuyilokho impela. UJesu wababuka wayeseyibona imicabango yabo. Niyabo? Futhi, lokho, iBhayibheli lasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo."

90 Lokho kwaMenza iZwi, ke, lowomProfethi-Nkosi, lowomProfethi-Nkulunkulu, odlula umprofethi; Yena, bonke abaprofethi owayekhona, kuhlangene nabo bonke abanye bakaNkulunkulu. Niyabo? WayenguEmanuweli, uNkulunkulu wayemelwe ngokugcwele, eNdodaneni uKristu Jesu. Manje siyathola, uNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.

91 Manje, uma siqaphela, khona–ke uPetru wakholiseka ukuthi lowobaba wakhe omdala omesabayo uNkulunkulu wayemfundisile, nakhu kwakungubufakazi obubonakalayo bangokomBhalo ukuthi lowo kwakunguMesiya.

92 Lowo kwakunguYe izolo, nguYe namhlanje. Ubengazikhomba kanjani Yena uqobo ngokunye ngaphezulu na?

93 Manje Uyi. . . Akazikhombanga Yena uqobo njengomunye udokotela omkhulu, iPh.D., LL. Niyabo? Akazikhombanga Yena njengomunye umpristi na? IZwi likaNkulunkulu laMkhomba. IZwi likhuluma ngaYe eMkhombile. Niyabo? Bakwazi kanjalo–ke lokho, ukuthi WayenguBani.

94 Manje kwakunomunye owayemi lapho, ogama linguFiliphu. NoFiliphu wayekade enokufundisisa iBhayibheli, ngokomBhalo, emibhalweni egoqwayo, nomfo wakubo ogama linguNatanayeli. Futhi ngenkathi ebone lokhu kwenzeka, kwayokhela kakhulu nje inhliziyo yakhe waze akangabe esakwazi ukukumela. Wayazi ukuthi Into yayilapho. WayenguMuntu ojwayelekile nje, kodwa bazi ukuthi lowo kwakunguMesiya.

95 Ngakho wagijima wajikeleza igquma, kwakungamamayela acishe abe yishumi nanhlanu, uma ubungalinganisa lapho Ayeshumayela khona, angahle ukuba wahamba usuku olulodwa wayesebuya ngolulandelayo. Futhi waya komcinga lomfo, wayekade enokufundisisa naye, emBhalweni; engowokuqina impela, indoda eqotho. Ninawo khona ngapha, indoda e, ebeka yonke impilo yabo ekufundisiseni iZwi. Ngakho wayefundisise iZwi. NoFiliphu waya komcinga, futhi mhlampe wangqongqotha emnyango. No—no—nomkaNatanayeli wathi, “Ngani, uthe nje ukuphuma ukuyoshaywa umoya engadini yemithi yezithelo lapho.” Ulima iminqumo.

96 Ngakho wahamba, wagijima wabuyela emuva ukuyombona, futhi wamthola eguqe ngamadolo akhe, phansi komunye wemithi, ekhuleka. Manje umnumzane ohloniphekile ongumKristu njalo unikeza, ukhombisa inhlonipho, ngakho wa—walinda waze waqeda ukukhuleka.

97 Wathi, “Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

98 Kwase kuthi–ke lo wokuqina, umHeberu okahle, ogama linguNatanayeli, wathi, “Manje awume kancane, Filiphu. Ngabe—ngabe uchezukele osebeni olujulile na? Manje bekungaba khona. . . Usho kuphi na? Uthe iGama laloMuntu belingubani na?”

“UJesu waseNazaretha.”

99 Wathi, “Manje kukhona okuhle okungavela eNazaretha na?”

100 Futhi ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu angayinika omunye. Wathi, “Woza ubone.”

101 Ungahlali ekhaya futhi ugxeke. Woza, uthole. Hlola umBhalo. Woza ubone!

102 Awu, mhlampe, ngasemgwaqeni, uqala ukumtshela. Wathi, “Manje, uyazi, siyazi. Siyazi, emBhalweni, ukuthi loMesiya uzoba ngumprofethi, ngoba uMose wathi Wayenguye.

NaloMuntu . . . Uyamkhumbula umdobi omdala owayengakwazi ukusayina igama lakhe erisidini, ngenkathi uthenga izinhlanzi na?"

"Yebo"

103 "Awu, Umtshelile ukuthi ubengubani." O, sengathi ngiyabona uFiliphu ethi . . .

"Manje awume kancane," noma, uNatanayeli, "Ngi— ngifanele ngikubone lokho, kuqala."

104 Ngenkathi ekugcineni esefike lapho Ayekhona, wenyuka noFiliphu. UFiliphu wamenyusa njengoba nje omunye ekulethile, wenyukela eBukhoneni baKhe, emhlanganweni lapho uJesu ayeshumayela khona. Futhi waMbuka, WayenguMuntu ojwayelekile nje, egqokisa okwanoma yimuphi omunye umuntu. Wayengabukeki ehlukile. Futhi Wayengancengi. Njalo nje ungumuntu osobala.

105 Futhi Wayekhuluma ngezinye izikhathi ngokuphicana kubo, ukuthi babengakuqondi; ngisho nabafundi baKhe. Lokho akuluphazamisanga ukholo lwabo. Niyabo, baMkholwa.

106 Qaphelani, ngesinye isikhathi, isixuku esikhulu sasibuthene siMzungezile, izinkulungwane. "WayenguMfo omkhulu! O, lomprofethi waseGalile, uMfo omkhulu!" Wayeya kuwo onke amabandla. Wonk'umuntu wayeMfuna. Kodwa ngoluny'usuku, Uqala ukushumayela imfundiso kubo, kwase kuthi–ke lokho kwayiguqula into kancanyana, niyabo. Akabange esathandwa ngabantu kangako kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, niyabo. Kodwa isibonakaliso sasiphelekezela iPhimbo.

107 Manje siyathola, ukuthi ngenkathi uFiliphu enyukela lapho Ayekhona, naye noNatanayeli. UJesu waphenduka wayesebuka uNatanayeli, wayesethi, "Bheka umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

108 Manje wena uthi, "Mlawumbe indlela Ayegqoke ngayo." Bonke babegqoka ngokufanayo. Niyabo?

"Futhi umIsrayeli okungekho-nkohliso kuye."

109 Manje lokho, cishe impela, kwamethusa kabi kakhulu akazanga ukuthi enzenjani. Wathi, "Rabi, Uze wangazi kanjani na? Ngani, Awukaze ungibone. Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuba size sibonane. Futhi bangitshela ukuthi kade Wakhe ezansi lapho eBethani, futhi—futhi kanjani—Uze wangazi kanjani na?"

110 Awu, wacabanga, nxa uMesiya efika, ukuthi—ukuthi, "UNkulunkulu uyothatha olunye uhlobo lomgxala futhi akudonse, nemihume yaseZulwini iyoqathakela phansi e . . . ezitebhisini zabo ezinkulu zehlelo phandle lapho, futhi athi, 'Kayafase, Ngehlisela phansi uMesiya wami kuwe manje.' Uyothi, 'Sengifikile.' NeziNgelosi zaziyokuza, zithi, 'NguYe lo.'"

111 Niyabo, yingalesosizathu Ekwenza. Manje–ke kuhamba ngqo kweqe phezu kwekhanda lalabobantu, abalele, futhi abazi neze ukuthi kwenzekeni. Niyabo? Qaphelani, Wayelapho. Wayemi lapho.

Wathi, "Ungaze nini, Rabi na?"

112 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi. Ngakubona." O, he! Amehlo anje pho!

113 Uyanibona manje. Uyanazi manje. Uyafana nje, izolo, namuhla, naphakade.

114 Amehlo anje pho! Amamayela ayishumi nanhlanu, kuthangi, ngokujikeleza izintaba, "Ngakubona uphansi komuthi."

115 Wenzani na? Wagijimela phezulu wayesewa phansi, wayesethi, "Wena uyi . . . Rabi, Wena uyiNkosi kaIsrayeli! Wena uyiNdodana kaNkulunkulu!" Wakukholwa. Ngani na? Wakhonjisiswa ukuthi WayeyiZwi. Ngoba Wayekwazi ukwehlulela imicabango owawusenhliziyweni. Ya. Nango Wayelapho, emi lapho.

116 Manje kwakukhona labo ababemi eduzane, ababengakukholwa lokho. Qhabo. Abaningi babo abakukholwanga. Kwakunabanye babapristi nezinto bemi eduzane, bathi, "LoMuntu unguBelzabule." Ba . . . i—i—into yenziwa, umBhalo wakhonjwa, kwase kuthi–ke u—u—umfundisi wenkolo wangalolosuku wayefanele aphendule ebandleni labo. Futhi babengenakukuphendula nge—ngeny'indlela, kodwa nje kuphakathi kokuthi bathi Unguye noma Akasuye, ngakho bathi, "LoMuntu wenza lokhu ngoBelzabule." Ngamany'amazwi, "Ungumbhuli, umoya omubi." Noma ubani uyazi ukuthi umbhuli ngudeveli. Ngakho wathi, "LoMuntu wenza lobububi nakuba engu Belzabule."

117 NoJesu wathi, "Manje, Ngizonithethelela ngalokho," umhlatshelo wawungakaze wenziwe, ukubuyisana kwakungakenziwa. Kodwa Wathi, "Nxa uMoya oNgcwele esefikile, ukukwenza, izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe noma izwe elizayo." Ngakho niyabona lapho okusiphosa khona namhlanje.

118 Manje, lena kwakuyinto ngempela, futhi, kodwa uFiliphu noNatanayeli bakholwa ngayo yonke inhliziyo yabo. Manje leyo kwakuyindlela uJesu azikhomba ngayo Yena uqobo, izolo, enguMesiya. Manje, sonke siyazi . . . Imizuzu embalwa nje manje.

119 Sonke siyazi ukuthi zintathu kuphela izizwe zabantu ezweni, naleso ngamadodana kaNowa, uHamu, uShemi, no—noJafeti; niyabo, nalowo yiJuda, oweZizwe, nomSamariya. Manje thina, njengabeZizwe, sasingabahedeni, amaRoma nanoma yibaphi abanye, ngalezozinsuku, uAnglo-Saxon, futhi sasikhonza

izithombe. Kodwa amaJuda lalibheke uMesiya. NamaSamariya wayebheke u—u—uMesiya.

120 Manje, uJesu wathi, ngenkathi Esendleleni yaKhe ebheke ezansi eJeriko, ezansi ngqo ngaphansi kwegquma evela eJerusalema. “Ngiswelekile ukuba ngedlule ngaseSamariya.” Ngakho Wenyukela lapho, eSamariya, wayesehlala phansi esangweni, emthonjeni. Kune... Kusenjengoba kwakunjalo nje ngaleyonkathi. Abakashintshi nakanci. Kunezwe elidala lonke elibonakala s’khathi sinye njengaleli lapha, nemivini imila ezindongeni zamatshe. Futhi—futhi Wahlala phansi nje, wayesethuma abafundi baKhe kulomuzi omncane, othiwa yiSikari, ukuba bayothenga umphako, ukudla.

121 Futhi besahambile, owesifazane onodumo olubi... Mhlawumbe, njengoba ngasho, intombi ingahle ukuba yayikade iphendulelwe emgwaqeni isuka, hhayi ebuhlongandlebeni bentsha, mhlawumbe ubuhlongandlebe babazali. Bayidedela yaphumela emgwaqeni, futhi mhlawumbe owesifazane osemncane obukeka kahle, futhi wayekade enze okubi.

122 Futhi ukhuphukela lapho ukuba ayokha amanzi akhe, ngoba wayengenakuza nezintombi-nto, zazingeke... zinhle, abesifazane abahloniphekile. Zazingenakukwenza. Zazikha awazo kuqala. Manje–ke—manje–ke zonke ezinye zazo, izifebe nezinto, zenyuka emini. Izintombi-nto ikha awazo...

123 Awu, ngike ngazibhekisisa zithwala leloketela elikhulu elingamagalani ayisihlanu phezulu ekhanda lazo, leyombiza enkulu yobumba, neyodwa ngakwelinye ihlombe, futhi zihambisane, zixoxa, njengoba abesifazane bengakwenza, futhi zingachithi ngisho neconsi lawo. Angazi ukuthi zikwenza kanjani, kodwa zikwenza ngempela.

124 Kodwa zona, ukudabula lapho, bese–ke eza ukuzokha amanzi akhe osuku. Zonke ezinye yase ihambile; kufanele ukuthi kwase kuya lapha phakathi nemini. Wayesethatha izibambo wayesesifakela ukugwedla, ukuyehlisa, ukuthola i...

125 Niyabo, kufana nje nohlobo lwembiza yobumba. Futhi i—futhi inesi—sibambo esiyizungezile. Futhi bafaka lawomahhuku ngakulezozibambo, futhi, ngokuthi iyasinda, uma ifika phansi, iyaphenduka. Bese–ke begwedla amanzi enyuke. Njengoba nje ngezinye izikhathi sikwenzile lapha kulamazwe, kanjalonjalo, kodwa banokunjengomkhombe esiwudedela wehle.

126 Manje, si—sithola ukuthi waqala ukudedela lesisitsha samanzi sehlele emthonjeni, futhi wezwa umuntu othize, wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.” Wayeseqalaza, wabona uMuntu ophakathi nendima yempilo ehlezi lapho.

127 U—Ufanele ukuthi wayebukeka ethe ukuba-mdadlana kunalokho Ayeyikho, ngoba kuJohane oNgcwele 6 lapha siyathola, ukuthi, bona emkhosini, babethi... Wakusho Aye—Ayeyikho. Base bethi, “Awu, Uthi Ubone uAbrahama, futhi

UnguMuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu na?" Niyabo, "ongakevi," niyabo, Ufanele ukuthi wayebukeka enamashumi amahlanu ngenkathi Wayenamashumi amathathu kuphela. Bathi, "Wena, Awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi Ubone uAbrahama na?"

Wathi, "Engakabikho uAbrahama, Ngikhona." Niyabo?

128 Ngakho manje–ke siyathola ukuthi Ufanele ukuthi wayebukeka ethe ukuguga kancane, ehlezi ngale encike ecaleni lodonga.

129 Asazi nje ukuthi Wayebukeka enjani. Ngeke ngazi. Isazi sezifo zengqondo noma isayense ephathelene nengqondo isipendela isithombe, kodwa esikaHofmann, noSallman, noma yibaphi abanye, kodwa yilokho nje abacabanga ngakho. Niyabo? Asazi nje ukuthi Wayebukeka enjani.

130 Futhi lapho Wayehlezi lapho, kwase kuthi–ke Washo lokhu. Futhi manje Waphenduka, owesifazane kuYe, ngokushesha, wayeseMazisa, "Lokhu ngukwahlukana." Wathi . . . "Manje umzuzu nje." Wathi, "Manje, Wena uyiJuda, futhi ngingumSam- . . . owesifazane waseSamariya, futhi asinabudlelwane nomunye nomunye."

131 Wayesethi, Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi. Ngiletha, ngikunike Amanzi ungezi ukuzokha."

132 Futhi, ingxoxo, Wayenzani na? Wayezama ukuxhumana nomoya wakhe manje, niyabo, ukubona ukuthi yini eyayikuye. Manje uBaba wayeMthume enhla lapho, ngokufanayo nje njengoba ngikholwa ukuthi uBaba ungithume lapha. Niyabo? Kodwa ini, angazi. Niyabo? Kodwa nango Wayelapho, futhi Wayexoxa naye.

133 Wayesethi, "O, Wena uthi, 'Kukhulekwe eJerusalema.' Obaba bethu bakhuleka kulentaba," nangomthombo, kanjalonjalo.

134 Wathi, "Isikhathi siyeza, namanje sesikhona, noNkulunkulu ufuna labo abakhuleka ngoMoya nangeQiniso."

135 Ingxoxo yaqhubeka waze Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini. Bangaki ebandleni lami kulobubusuku, owaziyo ukuthi inkathazo yakhe yayiyini na? Impela, wayenamadoda amaningi kakhulu. Ngakho Wathi . . . Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wayesethi, "Anginandoda."

136 Wathi, "Usho iqiniso. Ubunayisihlanu, nale ohlala nayo ayisiyo eyakho."

137 Manje bhekisisani. Bukani labobapristi abaqeqeshiwe, behluleka ukubona leloZwi libonakaliswa. Ngenkathi Enza lokho phambi kwalabobapristi, bathi, "UnguBelzabule."

138 Bukani lona wesifazane emumweni wakhe, isimo ayekuso, owesifazane onodumo olubi, wayenamadoda ayisithupha, futhi lapha wayephandle lapho emthonjeni. Nalowo wesifazane ekulowomumo, bukani, ngokushesha wathi, "Nkosi, ngiyabona Ungumprofethi wena. Kade singenamprofethi amakhulu eminyaka. Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Sibheke uMesiya, futhi, nxa loMesiya efika, yilo umaka waKhe. Uzokwenza lokhu nxa Efika." Amen. O, he!

139 Nakho lapho okhona. Lowo wesifazane, esimweni sakhe, wayazi kakhulu ngeZwi likaNkulunkulu kunoma uhhafu wabashumayeli ezweni wazi. Kunjalo. Kunjalo. Wathi, "Ngiyazi, nxa uMesiya efika, othiwa nguKristu, nxa Efika, yilokho Azokwenza." Uma lowo kwakunguYe izolo, lowo nguYe namhlanje. Niyabo? Wazikhomba kanjalo–ke Yena uqobo, kubo bobabili iJuda nakumSamariya. Niyabo? Qaphelani, lowo kwakunguYe izolo.

140 Wathi, "Ngiyazi, nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?"

Wathi, "NginguYe, okhuluma kuwe."

141 Wasuka wayongena emzini, eshiya leyombiza yamanzi. Wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lowo na?"

142 Leyo kwakuyinkomba yaKhe kumaJuda aKhe, nakumSamariya; kodwa hhayi koweZizwe, hhayi nakanye koweZizwe. Kodwa kuLuka, isahluko 17, Wathi, "Ngemihla yokugcina, njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma, lapho iNdodana yomuntu iyokwembulwa khona, njengalokhu kwakunjalo njengoba kwakunjalo emihleni yaseSodoma." Manje, emihleni yaseSodoma manje. Futhi siyavala. Qaphelani, kwakukhona . . .

143 Njalo bhekisisani, njalo kunezigaba ezintathu zabantu, ndawo zonke; omunye wazo yikholwa, umzenzisi, nongakholwayo. Basezindaweni zonke. Kubhekisiseni lokho.

144 Bhekisisani uJesu ekhomba isikhathi sikaLoti nokufika kwaKhe. Manje bhekisisani, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti." Manje, hlobo luni manje na? Wakhomba ngaleyonkathi. Wayefunda iNcwadi efanayo kaGenesisi esiyifundayo. UJesu wayefunda yona. "Imihla kaNowa," bese, kuthi–ke, "njengoba kwenzeka emihleni kaLoti." Bukani emuva futhi nibone ukuthi babenzani emihleni kaNowa, nasemihleni kaLoti, ngoba ngumBhalo ofanayo.

145 Manje siyaqaphela, ngemihla kaLoti, kwakunendoda eyayikade ibizwe ukuba iphume phakathi kwabantu. Futhi yayikade ineqembu linayo, okumele iBandla, ngokomoya. NaleloBandla, lokomoya, kwakuyiqembu lika Abrahama.

146 Manje–ke wayenoyedwa phakathi lapho, indodana yomfowabo, eyamshiyayo, ogama linguLoti, futhi wehla wayesakha eSodoma. Nezono zaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe; kuphela, umkakhe wayengamvumeli enze noma yini ngakho. Wayengowawo wonke amaklabhu nezinto.

147 Futhi nje kunoLoti abaningi kakhulu ohlezi ngakulezizinsuku, nowaziyo ukuthi into ayilungile. Kodwa ibandla lowesifazane abasonta kulo, uma bebengasho noma yini ngakho, bekungephuca ikhadi lakhe; ngakho lelo yithikithi lokudla. Ngakho manje–ke, thola ukuthi lokhu . . .

148 Manje lindani. UAbrahama wayebheke indodana ethenjisiwe, (kunjalo lokho na?), eyomoya, indodana ethenjisiwe. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

149 Manje, noLoti wayesezansi, esekhohliwe ngendodana. Wayesezansi nje ehlala nomkakhe, nabantwana bakhe, nabo bonke ezansi eSodoma. Wayesephenduke imeya yedolobha, futhi wayengumfo omkhulu. Umkakhe wayekuwo onke amaklabhu. Babehambisana kahle kakhulu.

150 Futhi manje–ke qaphelani leyonto ihleleka manje. Manje nginikeni nje umzuzu nje noma eminye emibili, ukunaka kwenu, ngokusondele. Bhekisisani ukuhleleka. Izwe alikaze lihlale kuleyondawo, kusukela lapho, njengoba kunjalo manje, lokho kuhleleka okuphelele. Bukani lapha, iqembu elibizelwe ngaphandle. Manje, kwakuneziNgelosi ezintathu eziza kuAbrahama, futhi ezimbili zazo zehlela eSodoma. Enye yazo yahlala noAbrahama, naLe eyahlala noAbrahama . . .

151 Lezo ezimbili zehlela eSodoma futhi zashumayela ukuphenduka, futhi, "Phumani lapha! Phumani kulo," yasho.

152 Kodwa Le eyahlala noAbrahama, bhekisisani ukuthi Yazikhomba kanjani Yona uqobo kuAbrahama. Manje khumbulani, uAbrahama wayengu "Abrama," usuku noma ezimbili phambi kwalokho, noSara wa—wayengesuye u "Sara." Manje usengu Ab-r-a-h-a-m-a, Ab-r-a-h-a-m-a, izinhlamvu eziyisikhombisa. Futhi yena unguS-a-r-r-a-h, isihlanu, umusa, niyabo; hhayi uS-a-r-a-y-i, kodwa uS-a-r-a, niyabo, uSara. Futhi bhekisisani Le ehlezi lapha manje, idla ithole, iphuza ubisi oluphuma enkomazini, nebhotela, futhi idla amaqebelengwana ommbila. Ihlezi lapho idla, ikhuluma kuAbrahama, Yayisithi, "Abrahama." Yazi kanjani ukuthi igama lakhe lalinguAbrahama na? IZwi. YayiyiZwi, yayazi. "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

153 Abesifazane ngaleyomihla babengenzi njengoba benza manje, niyazi, sebefanele babe sebhizinisini lendoda nayo yonke into, niyazi. Babeqhela, niyabo, ngakho ba . . . Ngakho wayese . . . Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

154 Yayisithi, "Ngi," manje leso yisabizwana sobuntu, manje, "Ngizokuvakashela ngokwesithembiso." Senziwa eminyakeni engamashumi amabili-nanhlanu ngaphambi kwalokho. Unamashumi ayisishiyagalolunye, futhi yena unekhulu. Nango, ikhanda lakhe elinempandla licwebezela, ubuhwanqa bakhe obumhlophe bulenga. Yena, ugogo omdadlana nekheyini encane esandleni sakhe, emuva lapho ngemuva, itshali elincane phezu kwamahlombe akhe. "Ngizokuvakashela, futhi sizoba nalowomntwana othenjisiwe."

155 Bhekisisani, noSara wakuhleka. Wathi, "Lezizinto zingaba kanjani na? Sengimdala, nenkosi yami," umyeni wakhe, "isindala, nayo." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini, ubudlelwano bomndeni kwase kube yiminyaka ngeminyaka ngeminyaka bungasekho. Ngani, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi yena wayenekhulu. Isizalo sakhe sase sifile; umfudlana wakhe omdala wase ushile futhi ungasekho. Asisekho isifiso. Wathi, "Mina, njengentombi, ngibe nenjabulo nomyeni wami, naye esemdala futhi na?" Ngani, wahleka.

156 Futhi iNgelosi, noma isiThunywa, iNdoda Ifulathele ithende, yathi, "Ukusho kuphi uSara lokho na?" Niyabo? Kwakuyini na? Manje bhekisisani. Kwase kuthi–ke, emva kokuba sekwenziwe umhlatshelo, Yanyamalala.

157 Manje khumbulani, uAbrahama wabiza leyoNdoda ngo, "Elohim." Bangaki abafundayo abakwaziyo lokho na? Niyakwazi. Kunjalo. "Elohim," Lowo nguNkulunkulu uSomandla esimweni somuntu. WayeyiZwi, ngoba Wayekwazi ukwehlulela imicabango. Niyabo?

158 UNkulunkulu enyameni, kufakazani na? Ukuthi, "Ngemihla yokugcina," uJesu wathi, "ngaphambi nje . . . lapho iNdodana yomuntu yembulwa eBandleni laYo elithenjisiwe," iBandla elingekho ezansi ngaleya eBabiloni.

159 Sinebandla laseBabiloni, niyakwazi lokho, amahlelo. AseBabiloni. Futhi sino—noBilly Graham no Oral Roberts, nabo phandle lapho bebabhaklaza, futhi. Futhi khumbulani, noma yimuphi wenu bosomlando, akaze ibekhona indoda, kuwo wonke umlando weminyaka yebandla, eyake yaphumela eBabiloni phandle lapho, ishumayela, negama layo ligcina ngoh-a-m, kuze kwaba manje: uBilly G-r-a-h-a-m, okuyisithupha, hhayi isikhombisa. Lapho bhekisisani isithunywa ngaphandle ngaleya, eshumayela ukuphenduka, futhi ephuphuthekisa amehlo abo ngeVangeli.

160 Futhi kwakukhona Oyedwa kwababizelwe ngaphandle, iBandla elikhethiwe, owabonisa isibonakaliso ukuthi uNkulunkulu wayesenyameni.

161 UJesu wayenguNkulunkulu enyameni. Futhi uma uJesu ekuwe, kulobubusuku, kuselokhu kunguNkulunkulu

ezibonakalisa Yena uqobo ngezinsuku zokugcina, iNdodana yomuntu izembula Yona uqobo eBandleni laYo, inyama yomuntu, ezazisa Yena uqobo. Niyakuthola na? Niyabo? UNkulunkulu, ezansi lapha eBandleni laKhe, ezazisa Yena uqobo iZwi futhi, iNdodana yomuntu yembulwa ngezinsuku zokugcina, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma.

162 Manje, khumbulani, uma uNkulunkulu anika amaJuda namaSamariya lesosibonakaliso, ukuthi WayeyiZwi, umProfethi uMose akhuluma ngaye, abeZizwe . . . Emva kokuba base beneminyaka eyizinkulungwane ezine ukuba baMbheke, thina sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukuba siMbheke, Uzozikhomba Yena uqobo ngendlela efanayo kithi, njengoba Enza ngaleyonkathi, kungenjalo Wenza ngokungesikho ngenkathi Ezikhomba Yena uqobo ngalesosikhathi. UNkulunkulu uzofanele asebenze ngesikhathi esifanayo, indlela efanayo ngaso sonke isikhathi, kungenjalo Wenza ngokungesikho esikhathini sokuqala. Uma Asindisa umuntu phezu kwezisekelo zokukholwa kwakhe . . .

163 Bukani, uNkulunkulu akaguquki neze, bangani. Ngenkathi umuntu elahlekile, eNsimini yase Edene, futhi wayefuna isihawu, uNkulunkulu wenza isinqumo ukuthi Wayezomsindisa kanjani umuntu. Futhi Wamsindisa ngegazi elichithekileyo longenacala. Kunjalo na? Akakaze akuguqule. Sakhe amadolobha, imibhoshongo; sakhe ezamahlelo, izinqubo zezemfundo, futhi kusalokhu kuhlala kufana; sinamahlelo nazo zonke izinhlobo zezinto. Kodwa Usindisa kuphela ngeGazi. Angekuguqule. UNkulunkulu njalonjalo uhlala eqinisile enqubweni yaKhe, iZwi laKhe. Noma yini Ayenza esikhathini sokuqala, Uzofanele akwenze futhi, kungenjalo Wenza ngokungesikho esikhathini sokuqala.

164 Ngakho–ke noma ngabe yini leliZwi likaNkulunkulu eliyithembisayo, yilokho okuzoba yikho. NoJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uzofanele enze okufanayo. Uzofanele enze ngokufanayo. Uzofanele afane, njengoba Ethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyoba seBandleni laKhe.

165 Futhi, khumbulani, leso kwakuyisibonakaliso sokugcina iBandla elasitholayo ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ifike. UAbrahama wayebone izibonakaliso eziningi nezimanga, kodwa leso kwaba ngesokugcina, ukuvakashelwa kokugcina ngaphambi kokuba indodana ethenjisiwe ifike. Kunjalo na? Thola.

166 Manje, ibandla, bhekisisani, njengoba kwenzeka ngalolosuku. Sibe nazo zonke izinhlobo zezibonakaliso, ukuphilisa, izimangaliso, ukukhuluma ngezilimi, iziprofetho; kodwa, khumbulani, sifanele sibe nesibonakaliso sokugcina ngaphambi nje . . . Khumbulani, lelo kwakuyizwe labeZizwe

elashiswa langqongqa. Yilokho okuzoba yikho ngalesisikhathi. Ngaphambi komlilo nje, iNdodana yomuntu iyozembula Yona uqobo. A, yizwani, "Kuseyisikhashana, izwe ngeke lisaNgibona, kepha nokho nina niyakuNgibona ekupheleliseni. Ngiyakuba nani, ngibe kini, ukuphela kwezwe." UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

Asikhothamise amakhanda ethu.

167 Baba wethu waseZulwini, siyatshelwa emiBhalweni ukuthi uNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu. Siyatshelwa kuJohane oNgcwele, isahluko 14, ivesi 12, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. Ngisho nemininingi kuna lo uyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi."

168 Nkosi Jesu, amahora aya ngokuba mnyama futhi ayafiphala. Ibandla lilahlekile, phandle ehlane, lihamba lizulazula, kubantu besuka enhlanganweni eyodwa beya kwenye, besuka ehlelweni elilodwa beya kwelinye.

169 Woza, eZwini laKho elithenjisiwe. Woza, Nkosi Jesu, futhi ngena kithi, kulobubusuku. Ngena kuyo yonke inhliziyo elapha. Ngena enhliziyweni yami nasempilweni yami. Futhi kwangathi Ungazikhomba Wena uqobo nokukholwa kwethu kuWe, kulobubusuku, ukuthi Uvukile kwabafileyo. Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Kwangathi singabona Wena, Nkosi, kuleliqembu elincane labantu abampofu. Njengoba sonke sibuthene lapha, siphandle lapha ngoba sifuna ukuPhila. Into enkulu kanje pho, ukwazi ukuthi ukuvuka nokuPhila kuphakathi kwethu, izikhomba Yona uqobo, hhayi nenye into eyinsumansumane ethize, kodwa ngokweZwi elithenjisiwe. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nanjengasemihleni kaLoti, lapho iNdodana yomuntu yembulwa."

170 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha khona, kulobubusuku, ukuthi, abantu lapha ogulayo nodingayo. Nalabo abagula emphefumulweni, labo abajoyine ibandla nje futhi ongazi lutho ngokwemukela uMoya oNgcwele, futhi baWubhekisise ugcizelela lonke iZwi ngo "amen," eliseBhayibhelini. IBhayibheli liyincwadi eyimfihlakalo kubo; abakwazi ukuLiqonda. Kwangathi bangemukela uMhumushi weZwi, kulobubusuku, ongadingi-muntu ukuba aLihumushe kuphela Yena, eLenza libe yilo ngempela empilweni yabo. Siphe khona, Baba. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

171 Ngingahle ngichezuke ngemizuzu eyishumi, kulobubusuku, ngokuba mude. Ngithetheleleni. Kodwa sizobiza nje ambalwa amakhadi omkhuleko, babakhulekele.

172 Manje ngizonicela into eyodwa, manje, ninga—ningasukumi bese niyaluza. Nizokwenza na? Hlalani nje nithule. Ngaphandle uma, ninje—nje into ethize, njengomntwana omncane noma

okuthize, ofanele ukuthathe. Kodwa uma nje nizohlala nithule imizuzu embalwa nje, nje.

173 Futhi asibone uma Ezoza, uma Ezoza futhi azikhombe Yena uqobo, kulobubusuku. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Futhi ningakubona ukuPhila kwaKhe kuphila, ngqo, kwenza khona impela Akwenza ngaleyonkathi, ngokuba Uzofanele enze okufanayo. Niyabo?

174 Wathi, "Ngiyi . . ." Ini? Umvini. "Nina ni . . ." Ini? Amagatsha. Awu, manje, kwenza kanjani . . . Nhloboni yokuPhila eseMvinini eyofanele ibe segatsheni. Manje bukani, uthi, phakathi lapha namhlanje . . .

175 Nina bantu, nonke anisitshali isithelo ezansi lapha, isithelo esisamawolintshi nezinto na? [Omunye uthi, "Amaplamu."—Umhl.] Ini? ["Amaplamu."] Amaplamu. Kulungile. Utshala . . .

176 Bukani lapha. Uma umvini wakho ukhipha futhi uveza igatsha eliphuma kulowomvini, futhi noma ngabe yisiphi isithelo esikulowomvini, uma lowomvini uveza elinye igatsha, kuyoba yinto efanayo.

177 Ngangimi nomngani wami, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, phandle eArizona, uMnu. Sharrit. Futhi wayenesihlahla esisamawolintshi lapho, ngicabanga ukuthi sasinezithelo eziyisishiyagalolunye ezehlukene kuso. Futhi sasinolamula, uphaphamuzi, itanjerini, itanjelo, iolintshi. Ngathi, "Hlobo luni lwesihlahla lolo na?"

Wathi, "Yisihlahla sama olintshi."

"Awu," ngathi, "awu, zangena kanjani lapho na?"

Wathi, "Ngazifakela."

178 "O," ngathi, "Ngiyabona, Mfowethu Sharrit." Ngathi . . . Ngicabanga ukuthi uMfowethu Sharrit wayenami okokugcina ngilapha. Futhi ngakho ngathi, "Awu, Mfowethu Sharrit, manje, ngonyaka ozayo, zonke zizoba ngama olintshi, futhi ngeke zibe . . ."

179 "O, qhabo. Qhabo, qhabo. Hhe-e." Wathi, "Uphaphamuzi uyothela uphaphamuzi. Ulamula uyothela ulamula."

"Awu," ngathi, "kukanjani lokho na?"

Wathi, "Konke yisihlahla sokusamawolintshi."

180 "O!" Ngakuthola–ke ngaleyonkathi. Ngathi, "Nakho–ke." Ngathi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

181 Niyabo, sifakela izinhlangano zethu kulomVini, iyophila ngomVini, kodwa ithela lolohlobo lwesithelo eyiso. Kodwa uma lesosihlahla se olintshi sike saze saveza enye ingatsha, siyothela ama olintshi. Futhi uma lokho kuPhila kuvela kuJesu Kristu, futhi babhala iNcwadi yeZenzo emva kwaleloBandla lokuqala, uma liveza enye, liyobhala enye iNcwadi yeZenzo emva kwalo,

nento efanayo, ngoba kuzofanele kufane. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

182 Anginaso isikhathi sokukuthola konke. Ngakho asithi nje, ngokushesha manje, sisenemizuzu nje embalwa, siqale ku M wokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu. Phakamisani izandla zenu, nina enine . . .

183 Ubani ono M wokuqala na? Ngabe ulapha na? Ikhadi lomkhuleko u M wokuqala na? Uqinisekile . . . O, u M wokuqala, unekhadi lomkhuleko elingelokuqala na? Ubani obenalo na? Inenekazi lapho nelokuqala, woza ngapha ngqo. Ngabe lelo— ngabe yilapha obaletha khona na? Owokuqala, woza ngapha, nenekazi.

184 Owesibili, ubani onekhadi lomkhuleko lesibili na? Khona lapha. Kulungile, woza ngapha ngqo, mnumzane. Owesithathu, phakamisa isandla sakho.

185 Manje bhekisisani lababantu besezinhlakeni, uma amakhadi abo ebizwa, nibaphakamisele lapha, ngoba angicabangi ukuthi ukhona kubo okwazi ukuhamba, nomnumzane ohloniphekile lapho osesihlalweni esinamasondo. Kulungile.

186 Elokuqala, elesibili, elesithathu. Ikhadi lomkhuleko lesithathu na? Kulungile, elesithathu. Elesine, elesine, ikhadi lomkhuleko lesine. Akuthi . . . Buka ikhadi lakho manje, ngokukhulu ukushesha. Elesihlanu. Khona lapho, sukumani. Yana khona lapha, mnumzane. Elesithupha, ikhadi lomkhuleko lesithupha, lesithupha. Elesikhombisa. Ngabe—ngabe . . . Lababantu bakhuluma isiFrentshi na? Noma, elesikhombisa, kulungile. Elesishiyagalombili, elesishiyagalombili. Bukani, kungahle kube ngumuntu oyisithulu, noma okuthize. Elesishiyagalombili, kulungile. Kulungile, manje bhekisisani. Bhekisisani, abangenisi babhekisisa lawomakhadi khona lapho. Elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye; elesishiyagalolunye, eleshumi. Ungeke uze wazi ukuthi akuphi. Axubene onke nje futhi anikezwa ndawo zonke, niyabo. Eleshumi. Kulungile. Eleshumi nanye, eleshumi nanye. Unalo eleshumi nanye, ikhadi lomkhuleko leshumi nanye na? Kulungile, ngapha, eleshumi nanye.

187 Eleshumi nambili, ikhadi lomkhuleko leshumi nambili. Ngabe yipos- . . . Bakhuluma isiFrentshi na? [Umfowethu ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Ini, ini, hhe? O. Uma ngihlangane nani . . . Ukhuluma isiFrentshi, ukhuluma sona, . . . ? . . . Eleshumi nambili.

188 Eleshumi nantathu. Bhekisisani, kungahle kube ngumuntu oyisithulu, niyabo; abezwa, bahlezi lapho nje, bephethe ikhadi. Eleshumi nantathu. Eleshumi nane, eleshumi nane, ikhadi lomkhuleko lesine- . . . eleshumi nane, eleshumi nane. Bukani abanye, buka umakhelwane wakho, mhlawumbe uphethe ikhadi, ehlezi lapho eyisithulu, niyazi, futhi abezwa-nto,

manje–ke ukuthi si. . .kubuya kubuye ngaleyondlela. Eleshumi nane. Manje, amakhadi omkhuleko awashintshaniseki, futhi afanele; umuntu ufanele eze bathathe ikhadi labo futhi babambe ikhadi labo. Mhlawumbe omunye uphumile.

189 Awu, ishumi nanhlanu. Awu, ake sithi, sizoma. Awu, qhubekani. Nineleshumi nanhlanu, qhubekani. Lokho kulungile.

190 Manje asilinde khona lapha umzuzu nje, manje–ke, niyabo, sisalungiselela. Kulungile, manje, sizani hloniphani ngokuzithoba ngempela futhi nihlale nithule, umzuzwana nje.

191 Manje, konke engikusho kulobubusuku, bangaki okholwayo ukuthi yisithembiso somBhalo. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo. Manje, manje, ngabe kuqinisile, yinto elandelayo. Niyabo? Ngabe kuqinisile na? ["Amen."] Awu, uma kuqinisile, khona–ke yiZwi likaNkulunkulu, khona–ke Ubophezelekile eZwini laKhe, noma yisiphi isithembiso. Niyakukholwa lokho na? ["Amen."] Manje uma Ezozazisa Yena uqobo ngendlela efanayo Azazisa ngayo Yena uqobo kubo bobabili umJuda nomSamariya, futhi wathi Wayezokwenza futhi ngezinsuku zokugcina koweZizwe, uzokholwa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngizokukholwa." ["Ngizokukholwa. Amen."] Manje kukhona manje. . .

192 Lababantu lapha, a—angiqageli ukuthi ukhona umuntu lapha ongaziyo. Bengi—ngicabanga ukuthi ngibone omuny'umuntu lapha esikhashaneni esedlule, ebengimazi, kodwa ngi—ngicabanga ukuthi sebehambile, omunye umuntu. Wonk'umuntu kuxakile. . .Bangaki phandle lapho owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe. Phakamisani izandla zenu, nomaphi, ezitezi eziphezulu, nomaphi lapho enikhona. Impela. Manje bukani, besabalungiselela ezansi lapho.

193 Kwakunenenekazi elincane ngesinye isikhathi, futhi ake sithi lalingenalo ikhadi lomkhuleko. Lalinenye into engcono. Lalinokukholwa, futhi lathi, "Ngiyayikholwa iNdoda. Uma nje ngingathinta umphetho wengubo yaYo, ngizosinda." Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo; owesifazane enegazi. . .? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

194 Manje ake sibhekisise manje, lokhu, omunye umBhalo, ngenkathi, baze bangitshele ukuthi sebelungele.

195 Lona wesifazane wayengenakhadi lomkhuleko, kodwa wayenokukholwa. Wathi. . .WayengenamBhalo wakho, njengoba ninawo, kulobubusuku. Kodwa, wayengenamBhalo, kodwa wathi, "Uma ngingathinta ingubo yaKhe! Ngiyayikholwa iNdoda. Ngizophiliswa." Futhi wathi nyelele wadabula esixukwini, wayesethinta ingubo yaKhe.

196 Manje, senake nayibona ingubo yasePalastine na? Ihamba intaza, kanti futhi inengubo engaphansi. Manje, uma uthinte

ipock-. . .iphakethe lebhantshi lami, bengingasoze ngakuzwa. Niyabo? Nengubo yaKhe yayilenga ka*ngako* ukusuka kuYe.

197 Akazange akuzwe ukuthinta kwemvelo. Ngakho, ngisho Wakufakazisa ngisho nalokho, Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

198 NoPetru wathi, "Ngani, Nkosi," ngamany'amazwi, "Uzokwenza abantu bacabange ukuthi Ungo—Ungokwengqondo. Uyabo, unga—unga—ungakusho lokho. Uyabo? Ungakwenzi lokho, ngoba wonk'umuntu uyaKuthinta."

199 Wathi, "Kodwa Ngiyabona Ngiphele amandla." Kwaphuma amandla kuYe. Lawo ngamandla okuqina. "Ngiphele amandla." Wayeseqalaza ezethamelini, Wayesemthola owesifazane, wamtshela ngomopho wakhe, wayesethi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Bangaki oyaziyo indaba na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yiqiniso.

200 Manje, manje befundisi, bazalwane phezulu lapha. Manje, iBhayibheli lasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu kulobubusuku onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Kunjalo na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.]

201 Bangaki phandle lapho abakukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

202 "UngomKhulu. . .ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, kulobubusuku, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Manje–ke Ubeyokwenza kanjani uma uMthintile na? Ubeyokwenza ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

203 Ngakho, manje, kholwani, futhi nikhuleke, futhi nethembe, nibone ukuthi uNkulunkulu wenzani. Nibone uma ningathinta ingubo yaKhe. Mthinteni, nithi, "Nkosi Jesu, ngiyazi ukuthi lowomshumayeli akangazi. Akazanga lutho ngami, kodwa Wena uyazi. Ngakho, Nkosi, uma ngiKuthinta, Wena khuluma ngaye." Manje yini lena na?

204 Isiphiwo asisiyo into oyithatha njenge—ngesikela, noma u—noma ummese, bese wedlula nalowommese njengesiphiwo, usika, leso akusiso isiphiwo sikaNkulunkulu. Isiphiwo sikaNkulunkulu nje si. . .Isiphiwo sikaNkulunkulu ngukwazi ukuthi uziphumuze kanjani wena, uzidedise wena endleleni, ukuze uNkulunkulu akwazi ukungena futhi akusebenzise. Akusiyo into onayo esandleni sakho, ohamb'ugwaza ngayo. Uvele nje uzidedise wena endleleni, bese udedela uMoya oNgcwele ukusebenzise. Manje, manje, leyo akusiyo yini indlela ninabantu enenza ngayo uma nikhuluma ngezilimi, nina maPentecostal na? Uzidedise wena nje endleleni.

205 Awu, leyo yinto efanayo lapha manje. Futhi uma Ezonipha khona, nizokukholwa futhi nikwemukele, nazi ukuthi uBukhona baKhe bulapha na? Anizukudinga-khadi lomkhuleko–ke.

206 Kuthiwani–ke ngoma—maHluleli wamaZulu nomhlaba, njengoAbrahama waMbiza ngokuthi, "UmaHluleli weZulu nomhlaba, Ubungakwenza okungalungile na?" Niyabo? Uma Yena, ngalolu izinsuku zokugcina, ngokwesithembiso saKhe manje. . . Iviki lonke, sizolokhu nje siphosa umBhalo phakathi lapho, sinikhombisa ukuthi kuyiQiniso. Futhi uma Elapha nathi, kulobubusuku, ngokusobala kakhulu ngangokuthi ningayibona imisebenzi yaKhe futhi nazi ukuthi Ulapha, njengeZwi laKhe elithenjisiwe; hhayi enye into ethize eyinsumansumane, kodwa lokho iZwi laKhe elathembisa ukuthi Uyoba yikho; khona–ke Mkholweni.

207 Manje, angazi manje. Ngezinye izikhathi, uma imibono ifika, khona–ke kuzo. . . Angikwazi ukusho engikushoyo; ngakho akuthi i—imayikrofoni, nanoma yini, noma ngabe ubani okuyo, ayenyuse izwakale kakhulu. Ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela umzuzwana nje.

208 Manje ngabe yileli i—inenekazi na? Manje, lapha, kwenzeka kube ngowesifazane, lokho nje ebengikhuluma ngakho, uJohane oNgcwele 4, owesifazane nowesilisa bebonana okokuqala empilweni. Ngiyisihambi uqobo, futhi siyizihambi uqobo komunye nomunye. Uma lokho kunjalo, ukuze nje uphakamise isandla sakho, udedele abantu, babone, ngakho asikaze sibonane empilweni. Nakho kumi owesifazane, ngilapha nami, into ephelele nje yokwethu. . . Awusuye owesifazane lapho, futhi angisiyo iNkosi, kodwa nga—ngabantu ababili ababonana lapha, indawana nje njengoba babonana, okokuqala empilweni. Manje, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, mhlampe Ubeyokhuluma nawe umzuzu, niyabo, njengoba Enza kowesifazane. Niyabo? Manje, uBaba . . .

209 Ngoluny'usuku, ngenkathi, maduze nje ngenkathi uMfowethu Borders wayelapha, sasinezimemo ezingamakhulu ayisithupha nento eZifundazweni lapha, ngaphandle kwapheseya kwezilwandle. Wathi, "EBaton Rouge, eLouisiana, kuneqembu lendoda ezansi lapho."

210 Ngathi, "Qhubeka, kulungile, hlela umhlangano ezansi lapho." Ngazizwela ukwenza lokho. Ngilapha. Manje angazi ukuthi yini elandelayo. Ngilapha nje. Yilokho kuphela engikwaziyo. Niyabo?

211 Manje nakhu lapho okhona, umuntu. Ngishumayela iZwi, ngisho ukuthi, "Akafile. Uyaphila." Uyaphila, futhi wethembisa ukuzikhomba Yena uqobo enyameni yethu, inyama yomuntu, njengoba Enza emuva lapho. Niyabo? Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu; konke uKristu ayeyikho, wakuthululela eBandleni. Lowo nguYe, uKristu ekithi. Manje uma iNkosi uJesu evukile kwabafileyo . . .

212 Futhi benginganenyusela lapha futhi ngibeke izandla phezu kwenu, futhi mhlawumbe njengabanye babazalwane

bethu abangabavangeli, okungukuthi kulunge ngempela nje, bese ngibeka izandla phezu kwenu, ngithi, “Ubuthakathaka bakho sebuhambile. INkosi ikuphilisile.” Lokho bekungakuhle. Ubungahamba. Lokho kulungile. Impela ngiyakuvumela lokho, ngekhulu lamapesente. Yilokho iBhayibheli elakusho.

213 Kodwa manje uma–ke Ema lapha bese ekutshela into ethize oyenzile, noma into ethize obungafanele uyenze na? Uma Azi ukuthi ubuyini, futhi akutshele obuyikho, futhi uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso yini noma qha, manje–ke uma Ekutshela ukuthi ikusasa lakho lizoba yini; uma lokho kuqinisile, lokhu kuzoba ngokuqinisile, nakho. Kunjalo na? Lokho kwenza kube nguYe, uyabo. Manje ngisho lokho nje ukuba ngixhumane nomoya wakho. Uyabo, njengoba nje Enza kowesifazane emthonjeni, “Ngiphuzise.”

214 Manje kunento eyodwa engifuna niyiqaphele manje. Bhekisisani owesifazane, bhekisisani ukushintsha komumo ebusweni bakhe, manje nje. Niyabo? Unokuzwa ukuthi ikhona into eyenzekayo. Bangaki abake babona isithombe salokho kuKhanya na? Niyabo, Kuphezu kowesifazane ngqo manje, niyabo. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Niyabo, Ku . . . NiyaKubona lapho na? Kuthi ukuba ukuKhanya okuphuzi, kunyakaza. Manje inkathazo yakhe yilokhu . . .

215 Manje ukuba bengingakuphilisa, bengingakwenza, kodwa angikwazi ukukwenza. Angikwazi ukukuphilisa. UNkulunkulu ungumphilisi; ukukholwa kwakho kuNkulunkulu.

216 Uguliswa yimizwa ngokwedlulele. Uphethwe yisimo sokuguliswa yimizwa, bese kuthi–ke unokungalungile ngomphimbo wakho. Kul’khuni ukuthi ukhulume, ngaphezu nje kokunyenyeza. Yindlala yegilo. Kunjalo. Manje uyakholwa na? Manje umzuzwana nje, ukuze nje bengezukucabanga ukuthi bengikuqagela, umzuzu nje, uyabo. Mina, ya, ngikusho ukuze abantu bengezukucabanga . . . Ungumuntu okahle, futhi nginokuxhumana okuhle noMoya oNgcwele, nawe, uyabo. Ngakho, manje, yebo, welulekwe ukuba uhlinzwe, kodwa wakwenqaba. Kunjalo impela. Ubheke uNkulunkulu . . . Yebo, mnumzane.

217 Enye into, unesimo sesifuba somoya esikukhathazayo. Lelo yiqiniso. Akusilo na? Manje, uyabo, Into ethize lapha iyakwazi. Lokho akunjalo na? Uyakholwa ukuthi nguYe na? Manje–ke kukholwe, bese uyasuka emsamo, bese usinda. Futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Amen. Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? “Uma ukholwa!”

218 Sawubona, mnumzane? Ngiyisihambi kuwe, ngiyethemba. Uma si . . . [Umfowethu uthi, “Ngake ngahlangana nawe kanye ngaphambili, eBaton Rouge.”—Umhl.] Wena, wahlangana nami ngenkathi ngilapha ngaphambili, eBaton Rouge. He, lokho sekuyisikhashana impela esedlule, akusiso na?

Ngiqagele sekuyiminyaka eyishumi nambili, noma ngaphezulu, mhlawumbe ngaphezulu, futhi mhlawumbe iminyaka eyishumi nane. Awu, ngingeke ngazi ukuthi ini, lutho ngawe, kungengaphezu kokuthi wawusemhlanganweni, noma okuthize, kodwa uNkulunkulu uyakwazi.

219 Futhi ngukuKhanya. Ngifanele ngiKubhekisise, niyabo ngibone ukuthi Kuyaphi, niyabo, kwabanye abantu. Lokho, Kulugcobo. Manje uma iNkosi uJesu izo. . . Nakhu lapho esikhona . . . Ngi—ngikholwa ukuthi umuntu wokugcina bekungowe—wesifazane. Manje kufana nephupho nje, niyabo, uphuphe into ethize.

220 Manje, manje uyindoda. Futhi manje ngenkathi uJesu ehlangana nendoda, uSimoni Petru, ngenkathi Ezikhomba Yena uqobo. Igama lakhe lalinguSimoni, ngaleyonkathi. Wambiza ngoPetru. Wathi igama lakhe liyoba ngu, emva kwalokho, uyobizwa ngoPetru. Uma iNkosi uJesu izongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, futhi ukholwe ukuthi Ukhona na?

221 Ngabe wonk'umuntu phakathi lapha uzokholwa into efanayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Mhlampe uyaziwa lapha, ngoba ungowasedolobheni.

222 Ngibona into ethize, sengathi uxhuxhumiswa yinto ethize. Lokho ngukuthi, yebo, yikho, ngoba yigazi, kukhona okungalungile egazini. Uyopha ezibilini. [Umfowethu uthi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo impela. Lokho kukhevuzeka phakathi lapho, futhi. Uyabo? Manje, lelo yiqiniso, akusilo na? ["Amen."]

Manje niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

223 Yileyondlela iNkosi yethu ebingakwenza ngayo. Ibingeke na? LeYo yiyo ekwenzayo. Awukukholwa na? [Umfowethu uthi, "Amen."—Umhl.] Ukuba–ke . . . UJesu watshela uSimoni ukuthi wayengubani igama lakhe. Ukuba–ke uNkulunkulu ubezongitshela ukuthi igama lakho ungubani, ubuzongikholwa na? ["Amen."] Kulungile, mnumzane. Lewis Carrie. ["Amen."] Kunjalo impela. Hamba ngendlela yakho. Amen. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

224 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

225 Manje ngiyisihambi kuwe, dade. Angikwazi, angikaze ngikubone, empilweni yami. Ungowesifazane nje omi lapha. Usemncane kunami, wazalwa amamayela ukwehlukana, neminyaka ukwehlukana. Kodwa Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa lokho na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyakukholwa lokho—lokho na?

226 Manje, uyazi, omi eceleni kwendoda, umfowenu lapha, bekungeke kukwenze uzizwe kanjalo. Uyazi kuzofanele kube ngenye into ethize, kuloboBukhona, obumnandi ngempela,

obuthobile, obumnene. Lokho akunjalo na? Uma lokho kunjalo, ukuze izethameli zizokwazi, phakamisa isandla sakho nje ukuze bakwazi ukubona. Uyabo, ngimbuka ngqo, lokho kuKhanya kushaya indingilizi ngokumzungeza ngqo.

227 Inenekeza limele omunye umuntu lapha. Alikho lapha ngesingalo. Kungokwendodakazi. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi iNkosi ingangitshela ukuthi yini . . . Uplana ukuletha leyontombazane emhlanganweni. Kodwa u—uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini indaba yayo na? Uzokholwa futhi ubeke leloduku phezu kwayo, futhi ukholwe ukuthi izothola ukuphiliswa na? Kuseqolo layo. Kunjalo. Kuyikho impela. Hamba, ukholwe manje. Ubeke lelo phezu kwayo, izosinda. Kulungile, kukholwe nje.

228 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? "Uma ukholwa! Konke kungenzeka kulabo abakholwayo."

229 Sawubona? Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba. Angikwazi, awungazi, kodwa iNkosi isazi sobabili, ngakho ngokuba ngowesilisa nowesifazane bebonana okokuqala. Manje, iNkosi yethu yasho into eyodwa kulowo wesifazane, nawo wonke umuzi wakholwa. Abazange . . . Akabange esakwenza. Wakwenza kanye nje, nawo wonke umuzi wakholwa.

230 Manje unge—ungesabi. Ayikho into ezokukhathaza. Kuzokusiza, uyabo, ngoba angicabangi ukuthi ungumgxeki, noma u . . . lokho kungqangqazela kwalokho oku . . . uMoya weNkosi ubungeke ungene kanjalo. Uyikholwa, ngakho awunasizathu sokuba wethuswe nganoma yini.

231 Uphethwe yi—yisibhono. Lokho kunjalo impela. Futhi uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokuphilisa kulokho na? Ukuba-ke bengingakutshela okunye futhi obekungalungile kuwe, bekungakwenza uqine ukuba ukholwe na? Uneqhubu. Uma ngingakutshela . . . Alikho esihlathini sakho. Lisemhlane wakho. Uma lokho kuqinisile, vayizela. Kulungile, manje kholwa. Hamba, ukholwe ngokufanele, futhi usindiswe.

232 Niyakholwa manje, nonke, ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje lokho bekufanele kwenze wonk'umuntu aqonde ukuthi niseBukhoneni bukaNkulunkulu. Kulungile.

233 Mnumzane, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa lesosifo samathambo futhi akusindise na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Uma ukholwa, qhubeka nje uhambe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

234 Manje woza ngapha, nenekazi. Ngikubona uzama ukusukuma uphume embhedeni, futhi, kancane impela, isifo samathambo, futhi. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokuphilisa. Uyakukholwa na? Kulungile, qhubeka nje uhambe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Ngikukholwa ngempela, ngayo yonke inhliziyo yami. Kulungile.

235 Woza, mnumzane. Isimo sokuguliswa yimizwa, nezinto, nokugogeka. Kanti, isifo samathambo, futhi; bese ubeka lokho phezu kwalo, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Phila, futhi. Manje qhubeka nje uhambe, umkholwa uNkulunkulu. Futhi kuzolunga, uma nje ungakukholwa. Kulungile.

236 Woza ngapha, nenekazi. Uyakholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa leyonkathazo yenhliziyo onayo na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Awu, qhubeka nje uhambe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga ngokungiphilisa enkathazweni yami yenhliziyo." Kulungile.

237 Woza, mnumzane. Uyakholwa ukuthi okubonayo kuyiQiniso na? Uma–ke ngikutshele ukuthi leyonkathazo yesisu iphilisiwe, phansi lapho, futhi hamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa, ubungakukholwa na? Kulungile. qhubeka, udle ukudla kwakho kwakusihlwa, uzoba kahle.

238 Ufanele . . . Usibekelwe yithunzi; umdlavuza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, futhi akuphilise na? Kulungile, qhubeka nje uhambe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Ngikholwa ukuthi konke kuzophela."

239 Futhi, inhliziyo eguliswa yimizwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa futhi ayisindise na? Qhubeka nje uhambe, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu," futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

240 Woza ngapha, nenekazi. Buka lapha. Into yakho enkulu . . . Unezinto eziningana ezingalungile kuwe, inkathazo yamanenekazi. Kodwa into yakho enkulu yinkathazo yenhliziyo ekukhathaza kabi ngempela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa futhi akusindise na? Qhubekela phambili nje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami." Kulungile.

241 Woza, mnumzane. Unezimbili noma izinto zakho ezintathu ezingalungile kuwe, izifo ezelakanyanayo. Kodwa into yakho enkulu ofuna mina ngiyikhulekele, noma ngicele ngayo, yilesosifo samathambo onaso. Buka isifo samathambo . . . Qhubeka nje unyakaze, ukholwa, futhi awusoze udingeke ukuba uthathe leyonduku. Amen. Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

242 Unenkathazo yesisu. Kubangelwe, usube nakho isikhathi eside, kuyisimo sokugula kwemizwa senza isisu esinezilonda. Uphuza noma yini, ethi—ethi ukuba wuhlobo olufana nekhofi noma into ethize, iba muncu emlonyeni wakho nezinto ezinjalo. Hamba, ukholwe manje, futhi ngeke kusakuhlupha. UJesu Kristu uzokusindisa.

243 Woza, nenekazi. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu . . . Umzuzu nje. Umzuzu nje.

244 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasiphilisa lesosifo samankanka, uhlezi lapho, futhi akusindise esifweni samankanka na? Uyakukholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Inenekazi lihlezi lapho ligqoke ingubo ebukeka inezikwele ezincane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise kuso na? Ubenokunye ukukholwa okuningi kunoma ubucabanga ukuthi ubunakho. Kulungile. Sekuphelile manje. Kholwa.

245 Ucabangani na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise kulesosimo sokugululiswa yimizwa, uhlezi lapho, leyondoda na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uyakholwa, uyakukholwa na? Manje uthinte Bani na? Akazange athinte mina. Uthinte Yena. Yilokho okukwenzile. Amen.

246 Wawa ngethanga lakho, futhi wawunenkathazo yeso. Amehlo akho aba mabi kakhulu ngangokuthi kul'khuni ukuthi uhambahambe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kukholwe, futhi ungaba nakho. Amen. Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe.

247 Inkathazo, inkathazo yesisu, isanda kusuka nje kuwe. Uyakukholwa na? Manje hamba ngendlela yakho futhi ujabule, futhi uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," sinda.

248 Lelinenekazi elincane elihlezi khona lapha, eligqoke ingubo ebukeka il'hlaza'tshani. Uzama ukuthinta into ethize. Uyakhuleka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ukhuleka mayelana nani na? Ukuqeda leyonkathazo yenyongo, futhi ucabanga ukuthi uzoba kahle na? Inenekazi, elithe ukuzimuka lapho, ligqoke ingubo, enkulu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa enkathazweni yenyongo, uma ubungakholwa na? UNkulunkulu uzokupha khona, futhi ungahamba futhi usinde. Amen.

249 Uzofanele ukukholwe. Ungakwenza kuphela njengoba ukholwa. Bangaki kini ofuna ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

250 Manje, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Uvusiwe kwabafileyo. Uyaphila namhlanje. Ulapha eBandleni laKhe, ekhombisa ukuthi ukuFika kwaKhe kuyasondela.

251 Izwe lizoshiswa njengoba laba njalo ngemihla yaseSodoma. Ama atomu izakhi ezincu sekuvele kubuthene ndawonye nge—ngemithwalo nezinto, ukulokhela ngomlilo. Futhi, kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iNdodana ethenjisiwe izofika, inguMuntu, uJesu Kristu, ukuthatha iBandla laYo liye eKhaya. Niyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

252 Niyakholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki okholwayo manje ukuthi uBukhona baKhe bulapha, futhi niyakholwa ukuthi

Wenza lenkulumombiko, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda na"? Phakamisa isandla sakho.

253 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, lapho abantu abagulayo ekhona, bekani izandla zenu. Ya, ngileyithi, ngesaba ukuthi bazongivalisa. Bekani, bekani izandla zenu, manje khulekelani omunye nomunye. Ungazikhulekeli wena, khulekela lo obeke izandla zakho phezu kwakhe. Manje Ulapha ukuniphilisa ngamunye wenu. Kukholweni!

254 Baba waseZulwini, siyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yethu, ukuthi eBukhoneni bukaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi idemoni lilahlekelwe amandla alo, ukuthonya kwalo, noJesu Kristu uyaphila manje.

255 Phuma, Sathane! Kwangathi lababantu bangasindiswa, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

